# *Ukuhloma Izikhali Zonke ZikaNkulunkulu*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Ben. Ngibonga kakhulu. Ningahlala phansi, bangane.

2 Ngiyabonga, Mfowethu Vayle, lokho ngukuthi . . . Asifanele i—isingeniso esincane kanjalo, kodwa impela ngiyawabonga lawo mazwi amahle. Kuzofanele ngiphile impilo enkulu ukuze ngiphile kulokho.

3 Futhi ngakho, ngiyajabula ukuba lapha, kulobubusuku, eSouthern Pines, eNorth Carolina. Ngihlala njalo ngiyakuxova. Uma kuseNorth Carolina . . . [Umfowethu uthi, "Lena empeleni i-Aberdeen, Mfowethu Branham."—Umhl.] Uthini? ["Empeleni lena i-Aberdeen, lapha."] Aberdeen, Aberdeen. Uma ngithola leyo Southern Pines kubukeka kimi sengathi kufanele kube seSouth Carolina, kodwa yiSouthern Pines eNorth Carolina, ngiyakuxova.

4 Futhi, ngiyajabula nje ukuba lapha nokho, nokuba nalesisikhathi senhlanganyelo nabangane bami abaligugu, uMfowethu Parker, uMfowethu Lee Vayle, o, bonke, nabo bonke labo abagogobele lapha, belindele ukufika kweNkosi.

5 Futhi ngi—ngangingamazi ngempela uMfowethu Parker kahle njengoba ngangifuna, ngolunye usuku ngangifunda udatshana kwiphephabhuku, futhi ngathi, "Thomas Parker, bengifanele ngilazi lelogama." Futhi isikhashana nje, o, ngizothi usuku noma kanjalo, uMfowethu Lee Vayle uyangena, wathi, "Ngani, uyazi ukuthi ubani lowo, lowo ngumngane wethu phezulu lapho." Futhi ngakho sazama ukumthola ocingweni, futhi ngangifuna ukumbonga ngokuphawula ayekwedlulisile kwiphephabhuku. Futhi ngakho-ke, sixhumane kanjalo ukuba ngibe lapha kulobubusuku ukumsiza kulengqungquthela.

6 Ngijabula kakhulu ukuba lapha, Mfowethu Thomas, nokuhlangana nabo bonke lababangane abahle, futhi wonke umuntu futhi, nokuba nesikhathi senhlanganyelo. Kodwa ungacabanga ukuthi ngizizwa kanjani ukuma lapha kulobubusuku, ukukhuluma uMlayezo weBhayibheli, namadoda anjalo ehlezi emva kwami.

7 Ngempela, kukhona engikuzwayo . . . Mhlawumbe kungcono ngenze njengo-Dwight Moody, bathi wakwenza ngenkathi eseNgilandi, wayekhuluma ngobunye ubusuku ngaphambi kwamaCockneys, abawabiza kahle ngempela amagama abo, noMnu. Moody wayengenayo imfundo, ngakho wazama

ukufunda umBhalo, futhi wawabiza ngokungeyikho amagama amathathu noma amane, futhi wabuyela emuva waphinde wazama futhi futhi wawabiza ngokungesikho kakhulu kunakuqala, ngakho wavele walivala iBhayibheli, wayesebheka phezulu ngaseZulwini, wayesethi, "Nkulunkulu, ngisize," futhi wazamazamisa izwe. Ngakho yilokho—yilokho kuphela. Bheka nje kuYe, futhi yilokho esifanele sikwenze.

8 Futhi ingqungquthela, ngicabanga ukuthi konke kumenyezelwe, iyaqhubeka phezulu lapha etabernakele, iBhayibheli Tabernakele, ngikholwa ukuthi libizwa kanjalo. Futhi ngineqiniso uma nizokhuphukela lapho, bangane, nizokuzwa okuthile impela. Ngifunde izindatshana eziningi, kodwa uMfowethu uThomas kwenzekile ukuba abephakathi komunye wababhali abakhulu, ngiyacabanga, bosuku, ukubambelela kwakhe eZwini likaNkulunkulu. Futhi khonake, ngiqinisekile ukuthi kuzokusiza ukuya lapho.

9 Ngingahle ngibukeke ngihlatshiwe kancane, kulobubusuku, ebusweni bami, nasemehlweni ami. Ngicabanga ukuthi senizwile kakade ukuthi bengidubula ngesibhamu esikhulu cishe emavikini amane edlule, futhi . . . Ukuzijabulisa kwami bekuhlala kungukudoba, ukuzingela, noma—noma okuthize, futhi, kanjalo, impilo yangaphandle, Angikaze ngidlale igalofu, noma ibhola, noma umjaho wamahhashi, nanoma yini, ngiyayithanda nje impilo yangaphandle, futhi ngiyithanda kahle kakhulu.

10 Ngenkathi ngise-Afrika ngathi ukuthanda izibhamu ezinkulu zikaRoy Weatherby, kodwa angikaze ngicabange ukuthi ngangingakwazi ukuba nesisodwa sazo. Futhi ngakho babe . . . Abanye babangane bami mhlawumbe babezongitholela esisodwa ukube ngangiyobavumela, kodwa angikwazanga, njengoba ngitshele uMfowethu Thomas kulentambama, Angizange ngicabange ukuvumela abanye babangane bami ukuba bangithengele esinye salezozibhamu ezinkulu ezibizayo, lapho ngazi ukuthi izithunywa zenkolo asinazo izicathulo ezinyaweni zazo, ngangingeke ngizizwe ngikahle ngesibhamu esikhulu.

11 Ngakho kwafika umngane wami, futhi nganginesinye isibhamu esikhulu lapho indoda eyayisinike uBilly Paul, futhi iphethe i-Weatherby Company e-Indiana, futhi yathi, "Ngivumele ngikubholele sona, futhi ngenze isibhamu se-Weatherby ngaso."

12 Awu, kwenzekile, abazange basibhole kahle, ngafaka igobolondo ukuba ngidubule, cishe amathani ayisithupha okuqhuma ebusweni bami ngqo, futhi cishe ukuphakama njengalawo makhethini, umlilo obomvu nje, futhi umbhobho wahamba emgqeni wamayadi angamashumi amahlanu, umphini waya *ngapha*, futhi isibhamu sancibilika ezandleni zami.

13 Futhi angizange ngibone futhi ngizwe lutho imizuzwana embalwa. Futhi lapho sengikwazi, ukudonsa izandla zami zivuleke *kanje*, ngivule amehlo ami, *leli*so ngaku*lolu*hlangothi, ngangingabona igazi litshaza *kanjalo*. Futhi ngaphakamisa isandla sami *kanje*, na*leli*zinyo lashaywa lakhishwa *lapha* lapho kwangena khona isicucu zezingcezu, lwathunga indingilizi enkulu ebusweni bami, futhi izingcezu eziyishumi nanhlanu zavele zenza ingxenye yenyanga khona kanye ngaphansi kweso lami futhi zaya emuva kwenhlamvu yeso, kodwa azizange zithinte ukubona.

14 Futhi ngakho ngenkathi udokotela engihlola, ngenkathi bengiyisa laphaya, wathi, "Into kuphela engiyaziyo, iNkosi enhle kufanele ukuthi ibihlezi lapho nenceku yaYo noma ubungeke ube ngisho nekhanda namahlombe, kukho konke lokho kuqhuma."

15 Ngakho-ke lezi yizo zonke izinsuku ezinhle nezikhathi ezinhle kimi. Ngi—ngiyajabula ukuba lapha. Nje. . . Ngakho ngizwa ngalokho, ukuthi iNkosi yayingakaqedi ngami okwamanje. Futhi mhlawumbe Ifuna ngizame ukukhulumela abantu baYo kakhudlwana futhi ngizame ukusiza. Futhi ngilapha ukwenza konke engingakwenza ukwenza ukuphila kube lula kancane kini, futhi ngizame ukusiza ngokukwedlula konke engikwaziyo. Ngakho nizongikhulekela, ngiqinisekile.

16 Futhi. . . [UMfowethu Vayle ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Yebo. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.) UMfowethu Vayle ubesanda kungitshela ukuthi umshini wokwandisa umsindo lapha, yiwo kuphela. . . unemayikhi encane nje. Nizwa kahle emuva lapho na? Niyezwa. Kuhle lokho.

17 Ngakho angizange ngilahlekelwe ukubona kwami, noma ukuzwa kwami. Nginekhwela lokucasha lapha ndawana thize okwamanje. Futhi leliso langakwesokudla linokungami kahle kulo, ngicabanga ukuthi yileyondlela enikubiza ngayo, liyethuka, liyanyakaza. Kodwa kuzolunga, kuzoba kahle nje, ngakho konke kuzolunga nje futhi kube kuhle kakhulu. Futhi ngiyazi bekungokwenhloso ethile. Siyazi ukuthi iNkosi yethu ihlale iqinisile, lapho Yathi Iyokwenza konke kusebenze kanjalo. Ngakho ngiyaYethemba nje ukuthi kube ngaleyondlela.

18 Ingitshele izinto eziningi, futhi ingivumele ngedlula izinkathazo eziningi, kodwa niyazi, angeke Ingivumele ngedlule kuzo zonke. Sifanele, thina befundisi sifanele sihlupheke njengani bantu lapho. INkosi kwesinye isikhathi iyakhuluma futhi isazise ukuthi singazedlula kanjani izinkathazo, futhi senze izinto, kodwa khumbulani, singena ngqo kulezozindawo futhi, lapho esifanele sihlupheke ngqo kanye nabo bonke. Futhi kunzima kakhudlwana kithi kunanjengoba kunjalo kini, kubonakala sengathi Isibambe isikhathi eside, niyazi,

ayiphenduli ngasosonke isikhathi. Ngakho kodwa siyabonga ukuthi Ihlala njalo iza igibele egagasini, futhi ngakho siyabonga ngalokho.

19 Wonke umuntu uzizwa ekahle na? He, he, lokho kuzwakala njengengqungquthela ekahle, lokho ngukuthi, futhi, wonke umuntu engena ethi khaxa. Khulekani manje, futhi kulobubusuku, ngidonse ingqikithi encane lapha kulokho okungase kubizwe ngendikimba engifuna ukuyifunda. Futhi nginemiBhalo namanothi amancane abhalwe phansi lapha, engingathanda ukwenza ikilasi likaSonto sikole elincane ngakho, kanjalo.

20 Futhi khona-ke ngithanda ukubuza . . . Ngoba, ngokuvamile ekuqaleni, abekho abaningi kakhulu lapha, Ngingakwazi mhlawumbe, uma kunabantu abagulayo okufanele bakhulekelwe, ngingakwazi ukwenza umugqa womkhuleko futhi ngibababambe bonke ngobusuku obubodwa. Ngakho mhlawumbe ngizoqala, ngibuze kulobubusuku, futhi ngibone ukuthi bangaki obelapha ukuba akhulekelwe, futhi othi ukukuza engqungqutheleni, nifuna umkhuleko ngemizimba yenu egulayo futhi ningathanda ukuba sinikhulekele. Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngiza ngaleyonhloso"? Awu, kuhle lokho, kulungile, ukubona lokho ngobusuku bokuqala. Ngokuvamile abantu balinda kuze kube sekugcineni, khona-ke kuthi ukuba nzima.

21 Kuyamangalisa ukunibona lapha nokukholwa kuNkulunkulu, ukuthi niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophendula, Uzokwenza, Akehluleki, Angeke nje ehluleke. "Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kodwa uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke." Ngakho inqobo nje uma sithola ukukhululwa, into esemqoka. Futhi sifika phakathi komngcingo ngesinye isikhathi, njengoPawulu nalabo abanye abahambe ngaphambi kwethu, abangcwele abakhulu namadoda akhethiwe kaNkulunkulu, futhi si . . . siyazi angeke sicele ukuba sigomeke ezinkathazweni, kodwa njalo kuyinto ethize ngemva kwakho uNkulunkulu ayenzayo isebenze ngokufanele kithina sonke.

22 Ngikholwa ukuthi emizuzwini embalwa edlule, angiphosisi, ngibona umngane wami omuhle, uMfowethu Sullivan, ehlezi phansi lapha naye, bonke, ovela ezansi eKentucky. Ngiyajabula ukukubona, Mfowethu Sullivan. Futhi, uMfowethu Iverson, eFlorida. O, yonke indawo! Futhi bangaki olapha ovela ngaphandle kwedolobha na? Ake sibone izandla zakho, ngaphandle kwaleli . . . Awu, ake sithi, ingabe ukhona lapha ovela edolobheni na? Asibone izandla zenu, ovela edolobheni, ovela ngasedolobheni? O, yini oyaziyo! Cishe ishumi nambili, ishumi nanhlanu, abantu engibabonayo. Lokho u—ukumelwa okuhle okuvela ngaphandle kwedolobha, Mfowethu. Kunjalo. Yilokho ngokuvamile izingqungquthela ezikudonsayo.

Awu, umkami wayevame ukungiculela iculo elincane:

Bayofika bevela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bayofika bevela emazweni akude,
Ukuzodla idili neNkosi yethu,
Ukuzodla njengesivakashi saKhe;
Zibusiswe kakhulu lezizihambi!
Zibheke ubuso baKhe obungcwelisiwe
Ekukhazimuleni ngothando lobuNkulunkulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Njengamatshana ayigugu emqheleni waKhe ukuba akhanye.

Niyalazi iculo na?

UJesu uyeza masinyane,
Izivivinyo zethu ziyophela-ke.
O, ukuba-ke iNkosi yethu kulomzuzwana ibingafikela
Labo abakhululekileyo esonweni na?
Khona-ke bekunganilethela injabulo,
Noma usizi noma ukuphelelwa ithemba okujulile?
Lapho iNkosi yethu enkazimulweni ifika,
SiyoYihlangabeza phezulu emoyeni.

23 Leyo yinhloso yethu yokuba lapha. Manje, angisiyena umculi, bangane, angi—angikwazanga ukucula. Mina... Niyazi, bengihlale ngifuna ukucula, Mfowethu. Ngakho ngizonitshela nonke, ngesinye isikhathi ningangizwa ngicula lapho ngingakwazi ukucula: Lapho ukhuphukela eZulwini, futhi sekuphelile konke, futhi usezindlini zakho ezinkulu (Bengilokhu ngithanda amahlathi kahle kakhulu nakho konke, mhlawumbe nginendlwana encane yezingodo ezansi ekhoneni lasezweni leNkazimulo ndawana thize.), uphumela kuvulanda ongaphendle wendlu yakho enkulu ngokunye ukusa, noma egoseni, lalela, ezansi le lapho emahlathini uzwa iphimbo likhuphuka, licula "Kungumusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka." Wena yithi, "UMfowethu Branham uphumelele."

24 Uma, lapho Engathatha olusizi njengami futhi angisindise, ngani, khona-ke kukhona ithemba ngathi sonke. Futhi nizobona nonke, vele uthi, "UMfowethu Branham uphumelele, ngoba nanguya, esacula *Umusa Omangalisayo*." Bengihlala ngifuna ukucula lelo, ngingavele ngilihamishe nje enhliziyweni yami, kodwa ngethemba ukuthi ngelinye ilanga ngingakwazi ukulicula ngempela.

25 Asiphenye kwabase-Efesu isahluko se 6. Futhi lapha sekuthi akube isikhathi sokuphuma, futhi sisaqala nje. Kwabase-

Efesu isahluko e 6, siqala ngevesi lama 10 futhi sifunda ingxenye yeZwi:

> *Elokugcina, bazalwane bami, qinani eNkosini, nasemandleni ayo amakhulu.*
>
> *Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kadeveli.*
>
> *Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bo. . . bumnyama bezwe, nawomoya ababi emkhathini.*
>
> *Ngakho hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuba nibe namandla okuzabalaza. . .ngo. . .ngosuku olubi, nalapho senifeze konke, nime.*
>
> *Ngakho yimani, izinkalo zenu ziboshiwe ngeqiniso, nifakile. . .isivikelo sesifuba sokulunga;*
>
> *Nezinyawo zigqokiswe ukulungela kukho ukushumayela ivangeli lokuthula;*
>
> Futhi *kukho konke, nithathe isihlangu sokukholwa, eniyakuba namandla okucima. . .imicibisholo evuthayo yomubi.*
>
> *Namukele isigqoko sensindiso,. . .inkemba kaMoya, eyizwi likaNkulunkulu:*
>
> *Nikhuleka ngezikhathi zonke. . .ninxusa ku. . . uMoya, . . .nilindile* lapho *ngesineke sonke nangokunxusela. . .bonke abangcwele;*

26 Ngingathanda ukuthatha indikimba kulokho evela ekutheni, *Ukuhloma IziKhali Zonke ZikaNkulunkulu.* Futhi bengicabanga esikhashaneni esedlule ukuthi lokhu kungahle kufaneleke ohlobweni locwezu oluncane lomlayezo wakusasa ekuseni, nangezinsuku ezilandelayo engqungqutheleni, ngoba ngokuvamile kusengqungqutheleni lapho lamadoda amakhulu, abizelwe lokhu kufundisa, ngokuvamile uyisa i—iZwi kubantu.

27 Futhi ngakho, uPawulu lapha ukhuluma ngesosha ligqoka, liya empini, isosha lizihlomisa ngezikhali, lilungiselela i—impi. Futhi ngithi ukuthanda indlela akubeka ngayo, ukulungiselela.

28 Niyazi, ngikholwa ukuthi kwakunguLincoln owathi ngesinye isikhathi, "Ngesikhathi sokuthula, lungiselelani impi." Noma, kungenzeka ukuthi kwakungeyena, kodwa kuzwakala sengathi, kubonakala kimi, njalo, nguye owenza lesositatimende. "Ngesikhathi sokuthula, lungiselelani impi." Futhi lokho kungaba yinto enhle kithi ukucabanga ngayo. Ngesikhathi lapho yonke into ihamba bushelelezi, kungcono uzilungiselele, ngoba uSathane angeke akuvumele kuhambe bushelelezi isikhathi eside.

29 Usengqungqutheleni manje, futhi konke kuzothululeka kahle nje, kodwa uzosuka lapha ezinsukwini ezimbalwa,

futhi uzohlangana nesitha. Singase... singase singalindi uze ulungele ukuhamba, si—singase sihlasele noma nini, ngakho si—singomubi futhi sinonya, senza noma yini esingayenza, noma yini esingayisho noma siyenze, siyayenza khona manje, sona... Ngakho kungcono kunakho kunke ukuba ugqoka ngaso sonke isikhathi.

30 Ungahle uhlangane naso phandle emgwaqeni, ungahle uhlangane naso kweyakho... emotweni, kunzima ukusho ukuthi uhlanganaphi naso, noma sizohlangana nawe esihlalweni lapho ngqo, nami khona epulpiti lapha, noma yikuphi. Nje si—singomubi nje, futhi asinandaba, ngakho sifuna ukukulungela.

31 Futhi lomfundisi omkhulu, uPawulu oNgcwele, wayefundisa iBandla ukuthi lihlome kanjani izikhali, futhi wayekufanisa nesosha lilungiselela impi enkulu ezayo.

32 Manje, siyathola ngakho, ezizweni, kunezikhathi eziningi lapho izizwe, kungakhathaleki noma ngabe zinobungane noma azinabo ubungane, isizwe ngasinye sinezinhloli zaso. Manje, sinezinhloli zethu emhlabeni wonke jikelele, futhi sonke isizwe emhlabeni sinezinhloli zaso lapha, noma ngabe banobungane noma abanabo ubungane; bathi ukuba nokusola kancane, niyazi.

33 Manje, iNgilandi ingenye yamazwe angodadewethu, kodwa nokho sinezinhloli eNgilandi, iNgilandi inezinhloli lapha. Sinazo yonke indawo. Nokho... Ngakho-ke benza imijikelezo yabo, futhi banobungane, abantu abalungile, akukho ngempela ongakusho ngokumelene nabo, kodwa bahlezi beqaphile, beqaphile, babone ukuthi kwenzekani, futhi baqaphele isikhali esisha esizokwakhiwa.

34 Futhi bazothi nyelele bangene futhi babone ukuthi sinjani lesosikhali, bese-ke bekuthumela ezweni lakubo uqobo, futhi—futhi bazolungela ukubhekana naso. Noma ngabe besingasisebenzisa lesisikhali, ngani, bebenga*bhekana* naso kithi, noma uma besiyosebenzisa isikhali sabo, noma basebenzisa isikhali sabo kithi, izinhloli zethu. Futhi sizokwakha isikhali sokulwa isikhali abahlela ukusisebenzisa, noma imfihlo ethile, umsebenzi oyimfihlo, noma into eyimfihlo esihlela ukuyenza.

35 Futhi bazolungiselela, ngoba banezinhloli lapha ngaleyonhloso, ukuba zihlole futhi zibone ukuthi senzani, sinezinhloli lapho, zihlola, zibone ukuthi benzani. Kubonakala sengathi ngeke sithembane ngempela. Nje, kubukeka sengathi kukhona okuthize esintwini okuvele kuhambe *kude kangako*, yilelobanga elikude okungalihamba.

36 Ngiyajabula ukuthi kukhona Okuthile esingakwethemba ngokuphelele, anijabuli na? Okuthile okuwukuthi, asifanele simangale, sicabange ngakho, sazi nje ukuthi singaphumula

nje njengabantwana abancane. Ngicabanga ukuthi yileyondlela esifanele sibe yiyo, ikakhulukazi amaKristu. Sifanele sifane . . .

37 Ekuqaleni uyaqaphela, umuntu uzama ukuthola leyondawo, ngoba ngenkathi enziwa okokuqala ngomfanekiso kaNkulunkulu, kwakungadingeki ukuthi azigudluze yena, futhi uNkulunkulu wamnakekela. Kodwa njengalokhu eba u—umfokazi, noma o—ozulazulayo, khona-ke ufanele azigudluze yena, futhi usola yonke into. Uvele nje, uma nixola ngenkulumo, ufana nespoki, yonke into ibukeka isolisa kancane, akasekho, akafuni ukukulinda.

38 Manje, izizwe zenza lezizinto, ziyahlola. Futhi bahlala njalo . . . Ngenxa yokuthi bafanele bakwenze lokhu, yingoba izikhali zabo ezindala abebezisebenzisa ziphelelwa yisikhathi. Manje, besiyokwenzani ngomnsalo nomcibisholo abake bawusebenzisa na? Noma besiyokwenzani ngezikhali ezindala abazisebenzisa ngeMpi Yokuqala yoMhlaba na? Isibhamu esikhulu esidala iKrag-Jørgensen na? Noma besiyokwenzani ngeSpringfield na? Lokho kufakwe okunye esikhundleni sakho, impi yokugcina ngeGarand, lempi ngomcibisholo we-athomu kuyo. Niyabo, kungukuthi . . . sekuphelelwa yisikhathi.

39 Indiza endala esasiyijwayele, i-Air Knocker, eyawela ngeMpi Yokuqala yoMhlaba, ngani, basebenzisa i—indiza enezinjini ezintathu noma ezine kulempi yokugcina. Futhi manje, ayinamsebenzi nje, ayisalungile, isiphelelwe yisikhathi. Kwachithwa izigidi zamadola ukuzenza, khona-ke—khona-ke baziphonsa ebhodweni elikhulu lokubumba, bazibumbe futhi, ngenxa yokuthi isitha, nezinhloli zethu ezibikayo, zilethe izindaba zokuthi bathole indiza enkulu. Manje, sihamba ngejethi.

40 Manje, banayo ukuze bakwazi ukuyibhekisa enkanyezi, badonsa isigwadlulo esisodwa, futhi umhlaba wonke uba wuthuli lwefu, ngakho sekuthi nje akube ukuphela kwalento. Futhi akukho lutho abakwaziyo ukuthi benzeni manje. Zonke izikhali ezindala zishintshiwe futhi zaba yimvithi.

41 Bengicabanga, isitimela esidala samalahle esasivame ukuthatha . . . sehla sidabula eJeffersonville lapho ngasendaweni yokugcina izimpahla, futhi babenemigqa emikhulu ye—yezibhamu, futhi bakuthatha bakuyisa ngale eFort Knox lapho zazakhiwe khona, nombayimbayi. Leyo njini yesitimu endala ukuthi . . . akusekho neyodwa yazo emzileni, zonke sezihambile, futhi zihlezi zizungezile njengezinsalela. Babezisebenzise kulempi yokugcina, kodwa manje isingekadizili. Ezinsukwini ezimbalwa nje izoba udaba lokuqhutshwa yi-athomu. Ngakho yikho konke, ufanele ukulahle futhi uqale kabusha.

42 Futhi niyazi kulempi phakathi kwezizwe, kunempi enkulu eqhubekayo ngale kwalokho, futhi leyo yimpi phakathi kukaNkulunkulu noSathane, impi enkulu. Futhi leyo

kwakuyimpi yokuqala, futhi namanje isadlanga. Kodwa, o, ngijabula kakhulu ukuthi izofika esiphethweni maduzane, futhi konke kuzophela.

43 USathane unezithunywa zakhe yonke indawo, ezibukayo, zihlola abantu bakaNkulunkulu, iminyakazo kaNkulunkulu. Okwakhe . . . Isitha sihlezi yonke indawo, sibheka, sibone ukuthi yini esingakwenza. Futhi uNkulunkulu unesinye esiphumile futhi, ngakho siyabonga ngalokho.

44 Futhi isizwe ngasinye sihlomisa ibutho laso ngesedlula konke nezikhali zempi zakamuva esingasithola. Yingalesosizathu izikhali zethu zempi ezindala ziba ngeseziphelelwe yisikhathi, yingenxa yokuthi sithola, njengeJalimane esibonisini irada, ne—nezinto ezehlukene esizicosha kwezinye izizwe, nento esiziqambela yona thina.

45 Manje, banendoda ezulazula emkhathini. Bonke bayampongoloza ngalokho uyazi, "Sinendoda emkhathini." Ngani, lokho akulutho, thina maKristu sibe nayo eyodwa emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, niyazi. Kunjalo. Kunjalo. Bayampongoloza ngalokho, lokho akuyona into entsha, lokho kudala kithi, besikwazi lokho kudala. Ngakho, niyabo? Niyabo, yilokho nje ukuthi sikude kangakanani, abaqondi nje.

46 Yebo, ukwakha imigwaqo emikhulu kakhulu nezinto ezinkulu kakhulu kanjalo nokuzama ukwenza umhlaba ube indawo engcono nokunye nokunye, ababoni ukuthi abamnene bazowudla njengefa, ngakho-ke nakho lapho enikhona. Ngakho nje—nje . . . Niyabo, uNkulunkulu usenakho konke esisicabangele khona. Lokho ngukuthi, into kuphela esifanele siyenze, ngukubambelela nje kuYe futhi siqhubeke nje ngqo. Niyabo? Lokho ngukuthi, ukukholwa konke, yilokho kuphela Asicela ukuba sikwenze, Uzosidlulisa ngqo.

47 Ngakho sithola ukuthi lezizithunywa eziyimfihlo zesitha zihlezi zizungezile. Isizwe ngasinye manje, sizohlomisa amadoda aso ngezikhali zempi zakamuva, zakamuva impela, futhi bayatadisha, futhi benza yonke into, bazama ukumelana nesikhali somunye umfo, nokuthola i—isikhali sesimanje kancane, esincane, into ethize enokushaya kancane kuyo. Kusukela kumnsalo nomcibisholo kuya esibhanyini esidala imasket, futhi kusukela esibhanyini esidala imasket kuya esibhanyini esikhulu sesimanje, futhi kusukela kulokho kuya kwese-athomu, balokhu beqhubeka bakha, kubagcina bematasatasa ngaso sonke isikhathi, futhi kuwumsebenzi wesizwe. Uma befuna ukusinda, bafuna ukuhlomisa amasosha abo ngezikhali zokulwa ezizedlula zonke esikhona.

48 Awu, uNkulunkulu, niyazi Akanasiphelo, niyabo, Akadingeki ukuba acabange noma yini engcono, Unokwedlula konke kwasekuqaleni, ngakho angeke uthuthuke kuKho,

akukho okungenziwa ngakho. Uvele asinikeze okwedlula konke, lelo yiZwi laKhe. Amen. Kunjalo. Lelo yiZwi laKhe, eledlula konke elinganikezwa.

49 UNkulunkulu unikeza abantu baKhe okwedlula konke impela, futhi yilokho Akukhethele abantwana baKhe, impela, okwedlula konke impela. Ngijabula kakhulu ngalokho. Ngibona uNkulunkulu, uBaba wethu, noMbuso esiyizithunywa zawo.

50 Akanasiphelo. Manje, lezizizwe ziyaqhubeka zakha, futhi zitadisha, futhi zisebenza, nokuthuthuka kwisayensi, nakho konke kanjalo, kodwa, niyabo, uNkulunkulu, engongenasiphelo, ngakho-ke Uyasazi isiphelo kusukela ekuqaleni, futhi ngaphambi kokuba kwenzeke Uyazi ukuthi kanjani, nini, nokuthi kuphi. Ngakho singaqiniseka ukuthi inqobo nje uma sikuYe yonke into ihamba kahle nje. Asikho isidingo sokwesaba nganoma yini, akukho noma yini okungasikhathaza. Ngakho siphumule ngokuthula nje njengabantwana abancane, futhi akukho okungasilimaza.

51 Ngakho uNkulunkulu ongenasiphelo, niyabo, yingalesosizathu ngikholwa iZwi laKhe, aninjalo na? Yingenxa yokuthi leloZwi linguYe, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi, waba inyama futhi wakha phakathi kwethu." Manje, ngakho ngakho-ke, uNkulunkulu wayazi ukuthi Yena uqobo wayengeke ehluleke ngoba Wayengaphezu kukaSathane, ngakho Uvele aZinike, niyabo, iZwi laKhe, ngakho lokho ngukwehlula.

52 Manje, uNkulunkulu angeke enze isinqumo namuhla, futhi kusasa abuye futhi enze isinqumo esingcono, niyabo, ngoba isinqumo saKhe sokuqala siphelele, Akadingi neze ukusiguqula. Ngakho ngakho-ke singaphumula phezu kwanoma yini uNkulunkulu ayishoyo, yingalesosizathu ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu.

53 Manje, isizathu sokuthi ngikukholwe lokho, ukuthi uNkulunkulu uzofanele ehlulele izwe ngoMgomo othize. Futhi uma kungebandla, yilona liphi na? Niyabo, kunamakhulu awo, namabandla ehlukene nezinhlangano, kulungile. Kodwa angeke . . . AmaLuthela athi, "Sina*kho*."

Futhi iBaptisti ithi, "Qhabo, si*ku*tholile."

Futhi iPresbyterian ithi, "Si*ku*tholile."

Futhi iPentecostal ithi, "Qhabo, *yilokhu*."

54 AmaNazarene athi, "Qhabo, *yilokhu*." Uyodideka, kodwa uyabona, *Yi*Zwi. Ngi—ngiyaLikholwa nje, iZwi. Niyabo? Lithathe nje ngendlela Elalotshwa ngayo, Likholwe, futhi aLihunyushwa ngasese, Lithi, Lilotshiwe lapho nje.

55 Bese kuthi-ke uma Ezofanele ahlulele izwe ngoMgomo othize, ngani, *Lokhu*, ULibhekile, ngakho yindlela nje okufanele

kube ngayo. Ngakho ngiyakukholwa nje kanjalo. Lifunde nje, uthi, "Yebo, Nkosi."

Futhi ngiyakholwa lapho sikholwa uNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi lapho uNkulunkulu esho noma yini, siyigcizelela ngo "Amen." Kunjalo, noma yini uNkulunkulu ayishilo.

Wathi, "UJesu Kristu unguye izolo, naphakade."

Manje, omunye uyothi, "Awu, ngendlela."

E-e! "Amen."

Uma Athi, "Phendukani futhi nibhaphathizwe futhi namukele uMoya oNgcwele."

"Amen." Niyabo?

Wathi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa."

"Amen."

Futhi Wathi, "Ngizobuya futhi."

56 "Amen." Futhi noma yini Ayishoyo, uMoya oNgcwele ongaphakathi kwethu uvele ukugcizelele ngo "Amen." Niyabo? Khona-ke buka into elandelayo. Niyabo? Manje, yi. . .lokho kuyamangalisa ukuthi singaba nokukholwa okunjalo.

57 Manje, isizathu ngazi ukuthi kuqinisile ngoba uNkulunkulu washo, ngale eNcwadini yeSambulo, "Noma ubani oyokhipha ingxenye eyodwa kuleNcwadi, noma enezele ingxenye eyodwa kuYo!" O, he, Lokho kufanele kube yilokho Ayokwehlulela izwe ngakho ngaleyonkathi.

58 O, wena uthi, "Uzolehlulela ngoKristu." UyiZwi. Angeke asuke kukho, ukubophela kubuyele emuva futhi, UyiZwi. Ngakho manje, ngakho siyazi ukuthi leloZwi liyiqiniso. Futhi uma uthi unoKristu futhi ungalikholwa leliZwi, kukhona okungalungile ngalokho onakho, ngoba, iZwi liqinisile, yebo, mnumzane, kufanele kube yiZwi.

59 Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu wanika abantwana baKhe okwedlula konke, futhi ngakho-ke Akadingeki ukuba ALithuthukise. Yena nje, Akaguquki neze, Akakashintshi nakancane kusukela ngesikhathi sokuqala Anikela ngaso ngokuvikela abantwana baKhe. Manje, ngenkathi Azi. . . Kwakukhona impi eZulwini, Wadingeka axoshe uSathane, khona-ke Wehlela emhlabeni futhi waqinisa abantwana baKhe ngeZwi laKhe.

60 Ngifuna ukunibuza okuthize. Cabangani nje, lokho. . . Manje, u-Eva akazange, ngenkathi wayesamile kuleNqaba enkulu yeZwi laKhe. . .Manje, uSathane wayengaphandle ezama ukusebenzisa uhlobo oluthile lwesu lokumkhiphela ngaphandle Lapho, inqobo nje uma ehlala emva kweZwi, yonke into yayilungile.

61 Yilapho esenza khona iphutha lethu. Senza iphutha lethu lapho sisuka emva kweZwi. Ngakho ngikholwa ukuthi wonke

amakholwa eBhayibheli akucabanga ngaleyondlela. Sisuka emva kweZwi, khona-ke sisenkathazweni, kodwa inqobo nje uma sigcina iZwi phambi kwethu, ungangeni ngaphambi kweZwi, iZwi malibe ngaphambi kwakho, uyabo, vele uLiyeke lihambe kuqala, futhi uvele uphile emva kwaLo ngqo. Litshala umsele, futhi uvele uhambe kuwo. Niyabo? Futhi yileyondlela okuhamba ngayo.

62 Manje siyathola-ke kulesisikhathi esikhulu sa—sasekuqaleni, lapho uNkulunkulu eqinisa abantwana baKhe kuleNqaba yeZwi laKhe, futhi—futhi wabatshela, manje lokho ngukuthi, kwakuyilokho . . . Manje, cabanga nje, u-Eva akavelanga wanqaba yonke iNto, akashongo ukuthi, "Awu, Nkulunkulu, ngiyacabanga, unephutha ngokuphelele. Angikholwa nayizwi lakho." Qhabo. "Ngikholwa ingxenye yalo, Nkosi." Qhabo. USathane akakuqondi nje kahle ngeqhezwana elincanyanyana laKho, hhayi konke okwaLo, ingcosana nje yaLo.

63 Futhi ngenxa yokuthi walalela lelogama elincane, kwabangela lonke udwende lomngcabo, kwenza lonke ithuna, kwenza lonke unwele olumpunga, yonke ingane egulayo, sonke isono esake senziwa, ngenxa nje yokuthatha ichashaza elilodwa elincane leZwi likaNkulunkulu futhi nje eLibeka ngokungeyikho.

64 Manje, uma uNkulunkulu ongenasiphelo, uNkulunkulu ogcwele uthando, ukungaliqondi kahle iZwi laKhe, awuLikholwa nje lonke, ingxenye yaLo nje, bekungavumela konke lokhu kwenzeke ngenxa yokholwa ngokungesikho okuncanyana nje kwaLo, ngikholwa ukuthi sizofanele sithathe konke okunci kwaLo, sibuye futhi, ngoba ukuLiphambanisa nje, sithi, "IBhayibheli lisho *lokhu*, kodwa qiniso aLichazi khona lokho." Alichazi lokho. Niyabo? Lichaza lokho nga*leyo*ndlela nje. Ngakho sifanele siLigcine ngaleyondlela, indlela ALisho ngayo.

65 Kodwa khona-ke u-Eva wayezo . . . Manje, sizothola ngokushesha lapho yena . . . Kwadingeka athole, uSathane kwadingeka athole ukunaka kwakhe. Manje, niyakhumbula, usempini noNkulunkulu. Futhi abesilisa nabesifazane bangabantwana baKhe, ngakho Usempini noSathane. Ngakho manje khumbulani, uSathane uyehla ukuze asebenzise iqhinga lokuzama ukubhekana nempi kaNkulunkulu, isivikelo saKhe, uzama ukuthola into angayithola, i—isikhali esingcono. Ngakho asikho isikhali esingcono ayengasithola, ngakho-ke ukuphela kweqhinga ayengalisebenzisa bekungaba ngukuzindla. O, lapho uma ukuba uzindle noma yini!

"IZwi lithi . . . "

"Kodwa ake ngibone, lokho akusho mina."

"Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina."

"Lokho akusho . . ." Kusho lokho futhi. Kunjalo.

"Noma ubani oyo . . ."

"Awu, ngiyazi uMoya oNgcwele wawungowabo emuva ezinsukwini zasekuqaleni, kodwa Wona . . . Izizindlo nje zisitshela ukuthi thina . . ." O, qhabo, ningakwenzi lokho.

66 "Noma ngubani othandayo, kinina nakubantwana benu, nakubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Niyabo? Niyabo? Akukho ukuzindla, ungami ukuba uzindle. Qhubeka nje ukholwa, ukholwa nje yilokho Akusho.

67 "Awu, Mfowethu Branham, ngifune uMoya oNgcwele i—iminyaka eyishumi." Yini ozindla ngayo na? Uma wenze icebo laKhe, khona-ke vele uqhubeke, khona-ke vele ukukholwe. Niyabo? Wabeka phansi icebo futhi wavele walandela lelocebo, khona-ke kuzomele kuphume kahle. Uma kungenjalo, khona-ke Wakhuluma into ethize eyiphutha. Niyabo? Ngakho Angeke asitshele lutho oluyiphutha futhi abe esalokhu enguNkulunkulu. Ngakho niyabo, ufanele ukholwe ukuthi KuyiZwi laKhe, kungenjalo awuMkholwa nhlobo. Ngakho—ngakho kuyamangaza, akunjalo na? Kodwa Kuqinisile ngempela, Kuyiqiniso ngempela.

68 Manje, sithola ukuthi lesisitha esikhulu sikaNkulunkulu sacabanga, "Manje, inqobo nje uma bezokholwa leloZwi angisoze ngafinyelela kubo. Inqobo nje uma lowomndeni omncane e-Edene ulokhu uzigcina emva kwaleloZwi, angisoze ngabathinta." Kanjalo nanamuhla angeke. Kunjalo. Usavinjiwe. Kunjalo. "Kodwa uma ngingasebenzisa isu elihle ngempela futhi ngizindle nje, nginikeza ukuzindla komuntu, ngoba ungumuntu, futhi uma nje nginganikeza ukuzindla komuntu, khona-ke sizo—sizo—sizoyinqoba impi," uSathane neziNgelosi zakhe. Kodwa khona-ke u-Eva wawa.

69 Ngakho ngakho-ke siyasazi isitha sethu ngokuhlasela kwaso. Mhlawumbe anikuzwanga kahle nje, indlela engikusho ngayo. Siyasazi isitha sethu: Lapho noma ubani, noma yimuphi umoya, noma yimuphi umuntu ezama ukungavumelani neZwi likaNkulunkulu, khumbula, yisitha sakho leso, yisitha sakho leso. Siyakwazi ukuhlasela kwaso okudala, yilokho esabhidliza ngakho isintu, futhi yileyondlela esibabhidliza ngayo nanamuhla, futhi yileyondlela esikususa ngayo kuNkulunkulu, wukungakholwa iZwi laKhe.

70 Futhi indlela kuphela ongake uhlale ngayo enhlanganyelweni noNkulunkulu, futhi ukhulume naYe ngokuphola kwakusihlwa, ukuhlala uqinisiwe eZwini nhlangothi zombili, vumela ikhethini leZwi likaNkulunkulu lehlele nxazonke kuwe, futhi ube yiconsi phakathi kwaLo ngqo. Kunjalo. Khona-ke uqinisiwe. Udumo!

71 Manje, ukuze enze lokhu, uzofanele alenze lihehane kakhulu, ukuzindla, futhi yileyondlela uSathane enza ngayo.

Muhle emsebenzini, futhi uyisitha esihle. Futhi ukwenza kuhehane, kwadingeka akwenze kuhehane ku-Eva, wathi, "Manje, buka, S'thandwa," uyabona, "uyazi, awazi ukuthi yini elungile nengalungile. Futhi u—ufanele ukhumbule ukuthi kungukuthi . . . lesisithelo siyajabulisa emehlweni, si—si—sizokwenza umuntu ahlakaniphe, nakho konke . . . "

72 O, uma lokho kungesona isicupho esihle! "Vele uthole i-Ph.D. yakho, noma i-LL., o-L. abayidabuli, i-Q.U., S.T.D.," noma into efana naleyo. "Uzohlakanipha." Khumbula manje, lokho akusikho lokho okuyikho. Ukukholwa kuNkulunkulu okukwenzayo. Ungahle ube neziqu ezanele ukuplastela *lolo*donga ngazo futhi usalokhu ungamazi uNkulunkulu. Niyabo? Wazi uNkulunkulu ngokukholwa, akukho okunye. Kanjani? Ngokukholwa. Ini? Ukukholwa eZwini laKhe; yiyonandlela kuphela Aqonda ngayo ukukholwa. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Kuvela kanjalo, ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu.

73 Manje, uSathane wakwenza kwahehana, usakwenza kuhehane. Manje, angilulazi lutho, ngethemba ukuthi aningitholi kanjalo, ngi—ngi . . . uma ngikwenza angikuqondile ngaleyondlela. Kodwa uSathane uzama ukwenza isayense yezenkolo ne—nemfundo ukuheha. Ngani, kade sizama ukufundisa izwe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, liya ngokuba libi kakhulu kunokuba lake labanjalo. Niyabo? Angeke ulethe abantu kuKristu ngemfundo, ngehlelo, bazama ukukwenza kube kuhle. Isono sihle, impela, sihle.

74 Manje, uma uthatha iBhayibheli, siyathola . . . Bengikhuluma lapha, ubusuku obumbalwa obudlule ndawo ndawo ngendaba kaNowa ngosuku lwakhe. Thatha uGenesise 6, lapho "amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu." Futhi ngake ngafunda umlando futhi ngangilalele lokho usomlando ayenikeza okwakhe, noma, qhabo, ngiyaxolisa, kwakuwukuphawula ngalokho ayekucabanga a—a "madodana kaNkulunkulu" eyayiyikho, wathi kwakuyiziNgelosi eziwileyo ezazicindezela zona enyameni yomuntu qobo lwazo futhi zabona abesifazane, nokuthi babehehana kanjani labo besifazane, nalamadodana kaNkulunkulu aba yinyama.

75 "Uma ukuthatha ngaleyondlela," ngacabanga, "mfowethu othandekayo, uhlakaniphe kakhulu kunami, kodwa uma wenza lokho, wenza udeveli abe umdali-ke." Ngakho udeveli angeke adale, uvele aphendukezele lokho uNkulunkulu akudalile, yinye kuphela iNdalo, lowo nguNkulunkulu, uMdali oyedwa. Okungalungile okulungile okuphendukezelwe, amanga yiqiniso elisetshenziswe ngokungesikho, niyabo, ukuphinga kuyisenzo esifanele esisetshenziswe ngokungesikho, niyabo. Konke okungalungile okulungile kwenziwe kwaphendukezelwa. Futhi yilokho kuphela uSathane angakwenza, ukuphendukezela

lokho uNkulunkulu asevele ekwenzile, niyabo, impendukezelo. Kulungile.

76 Manje, sithola ukuthi izikhathi eziningi uSathane ukwenza ku—kuhehane kakhulu, ukuthi uthandwa kakhulu ngabantu. Manje, yilokho akwenza ku-Eva, ohlakaniphile, okhaliphile, ocebile. Namuhla ukwenze kwahehana kakhulu abantu baze bafune ukufaka izigidi zamadola ezakhiweni, bese-ke beshumayela ukuthi ukuFika kweNkosi sekusondele. Niyabo?

77 Amabandla akha amahholo amakhulukazi, futhi—futhi athenga umhlaba omningi na—nakho konke, bese-ke beshumayela ukuthi ukuBuya kweNkosi sekusondele, nezithunywa zezenkolo ensimini zizama ukuyisa iZwi kubantu abampofu ababengakaze balizwe nakanye, futhi bafanele bahlupheke ngenxa yakho, niyabo. Akubukeki kulungile, kimi. Kodwa uSathane uzama ukulenza lihehane, ulungisa amabandla, alenze libe ibandla elinobuhlakani, elihle, ubuhlakani.

78 Ngihlala eduze ne—nenhlangano *ethize*, inhle, abantu abamangalisayo, ngiyacabanga, namadoda. Kodwa indoda endala, ihlezi phandle izama, ilindele ukukhulekelwa, futhi ngenxa yokuthi lomfundisi wayengakholelwa emkhulekweni wabagulayo, ngangingekho kuleyondawo ngaleyonkathi, indoda endala yayilindile, livunguza, liphephetha, futhi ngenxa yokuthi umfo omdala wayewuhlobo lo, wayebukeka njengomadakeni, umfo omdala ozihluphekelayo wayenezicathulo eziningi ezinyaweni zakhe, nejazi lakhe elidala lalimanikiniki lonke futhi lidabukile, futhi, kodwa lomfundisi akazange . . . akazange amvumele ukuthi eze ngisho egosini, uphumela emvuleni. Futhi ngazibuza nje ukuthi, lapho sikhuphukela eZulwini, uma nje kuyoba neyisipesheli, indawo encane yezihlakani, nabampofu nayo yonke into ikwenye indawo.

79 Manje, ngesaba ukuthi kuyoba nokudumala okuningi ekwaHlulweni, ngoba niyazi, uPawulu washo ngale kumaHeberu isahluko se 11, "Bazulazula bembethe izikhumba zezimvu nezimbuzi, wayeswele, futhi ehlupheka." Bukani u-Eliya emhumeni wakhe, nokuthi kanjani uma singambona enyukela emnyango wethu namuhla, enentshebe ebusweni bakhe bonke, impandla yakhe icwebezela, isiqeshana sesikhumba ezembathise ngaso, mhlawumbe besiyomxosha egcekeni, abanye babazalwane bethu abayizihlakani. Kunjalo.

80 Kodwa anazi ukuthi yini eshaya ngaphansi kwalesosikhumba esidala lapho. Niyabo? UMoya oNgcwele ungahle ukuba uhlale lapho. Niyabo? Asifanele neze senze lokho, sifanele sibe umfowethu, siphathe indoda, kungenandaba uma isephutheni, noma kunjalo iphathe kahle, yiba kahle kuyo. Uma ungenawo lowoMoya, khona-ke kukhona okungalungile. UJesu wayenomoya omuhle kulabo ababebabi kuYe, niyabo. Nifanele

nibe ngamaKristu, agcwele uthando, nilungele ukusiza noma yiluphi uhlanga, ibala, isivumokholo, noma kuphi, nganoma yisiphi isikhathi. Niyabo? Sifanele sibe ngaleyondlela, lelo amaKristu, yileyondlela uKristu abengaba ngayo nathi. Futhi ukuba ngumKristu ukufana noKristu.

81 Manje, uSathane wenza yonke into ihehane kakhulu nokho, futhi ebeka abantu eceleni, futhi, "Ufanele ukholwe yi*le*sisivumokholo futhi yilokho kuphela ofanele ukwenze." Futhi, "Ufanele usho *lo*mkhuleko, futhi usike izinto," kanjalonjalo. Kubukeka sengathi . . . Futhi abantu bayaqhubeka bephila, basagembula, babheme, baphuze, abesifazane bagqoke izingubo zokungabi nasimilo, futhi—futhi baya emibukisweni, imidanso, futhi badlale amakhadi, njengoba nje babehlale benza. Niyabo? Kodwa nokho bangabeqembu elikhulu, eliphakeme, iqembu elinobuhlakani labantu. Niyabo, uSathane ukwenza kuhehane ngempela; akusikho lokho.

82 Niwuqaphelile umhlatshelo kaKayini, ukuthi wawubukeka uhehana kanjani, umuhle, izithelo zasensimini nezimbali na? Kodwa oka-Abela wawungahehani, edonsa iwundlu elidadlana ngesiqeshana, angicabangi ukuthi babenaso isithombo okwenziwa ngaso izintambo ngalezozinsuku, kungenzeka ukuthi kwakungumvini wamagilebhisi othandelwe entanyeni yalo, walenyusela phezulu lapho futhi wanquma umphimbo walo omncane ngedwala laze lophela ukufa, kwakungahehani kakhulu, kodwa kwakungukulunga kuphendulela isono.

83 Kodwa uNkulunkulu uvele alethe iZwi laKhe libe yiqiniso kakhulu ngaso sonke isikhathi. Akadingeki ukuba aphinde aliqinise, futhi akhuphule enye into, Wenza nje iZwi laKhe libe yiqiniso kakhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi iBhayibheli lathi, "Lapho i—lapho isitha singena njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ngokumelene nawo." Niyabo? Manje, yini . . . ? Khona-ke uma isitha singena njengomfula okhahlamezayo, futhi ukuQiniswa kukaNkulunkulu kubantu baKhe ukubaqinisa yiZwi likaNkulunkulu, ngakho Uphakamisa iZwi nje, iBhanela elimelene naye. Amen.

84 Manje, ULiphakamisile izikhathi ezintathu. Benazi yini? UNkulunkulu uhlala ekokuthathu. Ungakwenzi . . . Leyo inombolo kaNkulunkulu ephelele. NjengoNkulunkulu, yona kanye iNgqikithi yothando, uMoya umboza zonke izimiso zonozungezilanga, kusukela ePhakadeni, ukuba yayikhona indlela enjalo, ukuya ePhakadeni, lonke uthando, onke amandla, amandla angempela. Manje, lolothando lapho akuyona *ifiliyo*, igama lesiGreki likubeka othandweni, kodwa, uthando lwenhlanganyelo, kodwa i-*Agapawo*, uthando lobuNkulunkulu, futhi UnguMthombo wakho konke lokho.

85 Futhi manje lapho konke lokho. . .Wagcoba abaprofethi, amadoda azalwe ngokocansi, kodwa bekungeke kusebenze. Manje, ngesinye isikhathi khona-ke uNkulunkulu waba umuntu, noJesu wayeyilowoMuntu, futhi WayenguMfanekiso oveziweyo kaBaba, niyabo. Ngamanye amazwi konke lokhu kuhlanzeka okukhulu kothando, ukuhlanzeka okukhulu kwamandla, konke lokhu okukhulu kwabonakaliswa kuYe. Manje ngakho-ke, Wehlela ethuneni futhi wasifela ngenxa yokungcweliswa nokulungisiswa kwethu, futhi khona-ke ubuyisela uMoya oNgcwele, niyabo, ngenxa yethu. Manje, ngakho-ke, thina singabalungisisiweyo, uKristu wayengukungcweliswa kukaNkulunkulu, singukulungisiswa, uKristu ukungcweliswa, noBaba, iNhloko. Niyabo?

86 Njengoba nje, iZwi ekuqaleni lakhulunywa kithi ensimini yase-Edene, iZwi elikhulunyiwe, futhi ngokwesibili Laba yinyama futhi lakha phakathi kwethu, futhi ngokwesithathu Liba yingxenye yethu kuMoya oNgcwele, lihlala kithi, uNkulunkulu engena kumuntu. Kuqala wakhuluma iZwi, isitha saLidiliza; khona-ke uLizwi waba yinyama, Wabethelwa esiphambanweni; kodwa manje, amen, kukhona umehluko eZwini, iZwi seliba yiBandla, neBandla liyiZwi, uNkulunkulu. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu, konke uKristu ayeyikho, wakuthululela eBandleni, uMoya oNgcwele. Manje, isitha sinokuthile, niyabo, manje-ke asilwi nento ethize emuva *lapha*.

87 Abantu abaningi basanda kuthatha incwadi, "Incwadi iyabulala, uMoya uyaPhilisa," niyabo. Niyabo? Futhi bathatha lezizivumokholo kanjalonjalo, kusabulala, kodwa uma uthatha uMoya, lowo nguNkulunkulu, qobo lwaKhe. Wazi kanjani ukuthi NguNkulunkulu na? Ngoba Uthatha iZwi futhi aLibonakalise. Niyabo? Khona-ke nguNkulunkulu, qobo lwaKhe. O, he! IZwi Elikhulunyiwe. Yebo, mnumzane.

88 O, he! Ngicabanga emuva ezinsukwini zikaNowa, uJesu wakuqhathanisa nenamuhla, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa. . . " UGenesise 6. Ngizoshaya lowomBhalo futhi khona lapha. Niqaphelile yini, lapho amadodana kaNkulunkulu. . .okwakungamadodana kaSeti aphuma ku-Adamu, futhi kusukela ku-Adamu kwakunguNkulunkulu, indodana kaNkulunkulu, indodana kaSeti, kwase kuthi olunye uhlangothi luvela kuKayini, owayekholwa amanga kaSathane, amadodana kaSathane.

89 Manje, ngenkathi abesifazane baseKhanani, khona impela ngesikhathi sokuphela ngaphambi kokubhujiswa, babebahle kakhulu. Niwuqaphelile umehluko ekubukekeni kwabesifazane, abanye benu besilisa nabesifazane abadala, kuleminyaka embalwa edlule na?

90 Ngangifunda ngolunye usuku lapho uPearl White, abaningi benu bantu abadala bayakhumbula, omunye wabesifazane abahle kunabo bonke isizwe esasinabo, futhi lapho uScott Jackson emgwaza embulala, isithandwa sakhe sangasese, isithandwa esiyimfihlo, njalo, nesithombe sakhe, ngani, ubengeke ame emgwaqeni nanoma yini ebukeka iyinhle namhlanje. Kodwa niyabo, sisondela ekupheleni, futhi abesifazane bayazifihla e—ingubo ebenza bona . . . Niyabo? Lowo ngumKhanani. Kungcono ngime khona lapho futhi ngidlulele *lapha* manje, niyabo, ngoba ngithe bengingeke ngiphinde ngikusho.

91 Kulungile, uSathane uneziqhwaga zakhe eziyizihlakani, niyakhumbula bathi kwakukhona iziqhwaga ezweni ngalezozinsuku, iziqhwaga, usenazo, iziqhwaga eziyizihlakani. O, he! Niyabo? Ngalezozinsuku ngenkathi uNowa ekhuluma ngokuthi, "Kuza uzamcolo," niyabo, babengakukholwa lokho, nokho babekholwa, kodwa bona . . . akuzange kumelane nezincaziselo zabo zesayensi, ukuthi lizona kanjani ezansi lapho, ngenkathi kungekho mvula phezulu lapho, kufakazise ngesayense, akukho mvula phezulu lapho.

92 Njengalowomfo waseRashiya, ngolunye usuku kulowomkhondo wenkanyezi, washo ukuthi wandiza nxazonke phezulu lapho, izikhathi eziyishumi nesikhombisa emhlabeni jikelele, akabonanga Nkulunkulu, akukho Moya oNgcwele, akukho ziNgelosi. Indoda engazi lutho bandla. Yebo. Leyo yinto efanayo, isayensi yabo, yona nje, ba—ba—bathola ukuba ngokwesayensi kakhulu baba yisimungulu, niyabo, noma—noma, ngiyaxolisa, bengingafanele ngikusho lokho, ngi—ngiqonde ukuthi bavele benganaki izinto zangempela, niyabo.

93 Manje, kulungile. Kodwa namhlanje, uSathane uneziqhwaga zakhe eziyizihlakani, zingachaza konke okuncane kwakho kusuke. Impela. "Azikho izinto ezinjalo. A, kukhona . . . Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu? A, ngokwengqondo." Niyabo?

94 UMoya weNkosi uku . . . IBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili," amaHeberu, isahluko se 4, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika kuyofika emkantsheni wethambo, futhi i . . . futhi ngisho la—laHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." LowoMoya kaNkulunkulu, ngenkathi uJesu ema futhi ebona ababecabanga ngakho, ngenkathi Waye . . . WayeyiZwi.

95 Ngenkathi uFiliphu efika kuYe futhi—futhi wafika noNathanayeli, Wathi, "Bhekani umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, wake Wangibona nini na?"

96 Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, ngakubona." Whewu! Mm! Kwakuyini lokho na? Lelo kwakuyiZwi. IZwi, libukhali, linamandla!

97 Lapho owesifazane emthonjeni efika futhi wathi, ngenkathi Ecela amanzi futhi owesifazane wathi, "Ngani, akulona isiko, kukhona ukwehlukana lapha. Thina . . . Nina ningamaJuda, thina singamaSamariya."

"Kodwa," Wathi, "ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi."

Futhi ingxoxo yaqhubeka Waze Wathola, leloZwi liqala ukuthola indawo yaLo. Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nalena ohlala nayo manje akuyona eyakho."

98 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Wena UNgogcotshiweyo, uKristu, Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi," washo. "Futhi siyazi lapho kufika OGcotshiweyo," kuzoba yiZwi, "Uzositshela lezizinto."

Wathi, "Nginguye Okhuluma nawe." Niyabo? Niyabo? Kwakukhona iZwi. O, leloZwi, he! Mm! Yebo, mnumzane. Kulungile.

99 Manje, niyabo, iZwi alidingeki ukuba lifakazelwe ngokwesayense inqobo nje uma LiyiZwi. Uma kungafakazelwa ngokwesayense, khona-ke maningi amathuba okuthi akusilo iZwi. Wena uthi, "Uma kungafakazelwe ngokwesayensi, akulona iqiniso." Khona-ke uma unengqondo, uyakholwa ukuthi unengqondo na? Khona-ke fakazisa ngokwesayense ukuthi unayo.

100 Ingabe uyathanda na? Lungaki uthando na? Awu, angazi uma ngingaluthenga ezansi ekhemisi, ngidinga inqwaba yalo. Hhe? Uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, nokukholwa, lezozinto zi . . . ngeke kwafakazelwa ngokwesayense, futhi ziyizinto ezihlala isikhathi kuphela esinazo. Kunjalo. Ayikho into ehlala isikhathi ngaphandle kwalokho, niyabo, futhi akufakazelwanga ngokwesayense. Kulungile.

101 Manje, kodwa namuhla . . . ngesikhathi sikaNowa babenalezoziqhwaga ezinkulu, futhi namuhla banalezoziqhwaga ezinkulu eziyizihlakani ezweni futhi. Kunjalo. Futhi, ngiyakuzonda ukusho lokhu, uma—uma ekhona lapha, ngethemba ukuthi anginilimazi, kodwa yizinhloli zikaSathane futhi. Ini? Impela, iziqhwaga eziyizihlakani ziyafika ukufakazisa ukuthi konke lokhu kumemeza nokuthi, "Amen," nokuya e-altare, nokubhidlika ngenxa yezono zenu, ukuthi konke lokho kuyidlingozi nje.

102 Niyabo, leso isiqhwaga ngokwesayense, leso isiqhwaga esiyisihlakani, "Ayikho into enjalo." Uhambe ukhuphuke neso olomile, futhi o, vele uthi, "Awu, ngizojoyina lelibandla, futhi mina. . ." O, he! "Awu, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu." USathane uyakholwa naye, akukho sibonakaliso sokuthi usindisiwe. Niyabo? Kuthatha okungaphezu kwalokho, kuthatha ukuzalwa okusha. Kunjalo, kunjalo. Ngakho kuthatha, niyabo, iZwi, kuthatha ukuzalwa okusha, hhayi nje ukusho lokho, kuthatha okuthize okwenzekayo phakathi *lapha*, futhi kukwenze wehluke.

103 Futhi sijabula kanjani, kulobubusuku, ukuthi sikutholile! Bangaki abajabulayo ngokuthi nithole ukuzalwa okusha na? O, ngijabule kakhulu! Ake sithathe isinyathelo esincane. Ngikhuluma izinto eziningi, njenganoma iyiphi enye indoda, niyazi, ngithola konke ukudideka nakho konke, kodwa kanye ngesikhashana iNkosi inginika okuthile futhi ngi—ngi, awu, ngi—ngikuthanda kahle ngempela, kodwa. . .Futhi niyazi, ukufunda, ngaso sonke isikhathi lapho ngifunda iZwi laKhe, ngihlala njalo ukuthi, ngoba Lokho kuphelele. Kodwa ngezinye izikhathi Ungivumela ngisho okuthile, niyazi, kuzwakala kumnandi ngempela kimi, futhi Ungivumela ngisho okuthize ngolunye usuku, kuvele kwangisiza kahle kakhulu. O, he! Kuzwakala impela kukukhulu kakhulu, uma kungahambisani nenkolo ukuba, noma, akulungile ukukusho.

104 Ngizonitshela ukuthi kwakuyini, bengicabanga ngesiqinisekiso sethu. Sazi kanjani, kunezinto eziningi ezahlukene, sazi kanjani ukuthi uqinisile na? Izinkolo eziningi kangaka emhlabeni nezinto. Bukani, ngesinye isikhathi u-Israyeli wayesezansi le eGibhithe, futhi njengabantu bakaNkulunkulu, babekade besezansi lapho amakhulu eminyaka, futhi babeyizigqila, beqhutshwa ngapha nangapha noma ngayiphi indlela. Futhi isitha sasiphuma, nobhasikidi ogcwele okudala, isinkwa esibunjiwe futhi basincozule, babefanele basidle, bafe. Futhi amadodakazi abo amancane adlwengulwa, akukho ababengakwenza ngakho, lutho. Babefuna ukubulala indodana yabo, bavele bayibulala, yilokho kuphela. Into esabeka kanje okwakuyiyo!

105 Ngakho ehla ephuma ehlane kufika umprofethi neNsika yoMlilo, basho, eyamlandela. Wayeza ukubalethela umlayezo wokuthi "Kukhona izwe uNkulunkulu analo lakho." Futhi bamlalela lomprofethi.

106 Ngaphandle kwe. . .EGibithe bahamba, ngesandla sikaNkulunkulu, bafika endaweni ebizwa ngokuthi iKadeshi-Barineya. IKadeshi-barneya yayiyisihlalo sokwahlulela, isihlalo esikhulu sokwahlulela, ngesinye isikhathi, somhlaba, ngiyatshelwa. Futhi lapho babenoyedwa phakathi kwabo o, iqhawe elikhulu, ogama linguJoshuwa. Ngikholwa ukuthi kusho ukuthi "Jehova-Msindisi." "Jehova-Msindisi," *Joshuwa*.

Leliqhawe elikhulu, niyazi ukuthi lenzani na? Lalifuna ukukhombisa abantwana ukuthi lokho . . .

107 Niyabo, akekho kubo owake waba laphaya, babengazi ngempela ukuthi lelozwe lalilapho, bavele bakukholwa. Yilokho-ke, yilokho-ke. Ini nje . . . Lomprofethi wabalethela iZwi leNkosi, kusobala iZwi liza ngabaprofethi, niyabo. Ngakho ngakho-ke bona, ngakho bayafika . . . Futhi iZwi leNkosi lafika kulomprofethi, futhi waliletha kubo futhi wathi: "Kukhona izwe eligeleza ubisi nezinyosi lapho ungaba namapulazi akho uqobo, nikhulise abantwana benu futhi nibondle, futhi nihlale ngokuthula."

108 Ngakho ngenkathi uJoshuwa esondela lapho ekwahlulelweni, iKadeshi-barneya enkulu . . . Futhi sonke siyayazi indaba, yilapho u-Israyeli ayenokwahlulela kwakhe naye. Ngakho khona-ke uJoshuwa wawela iJordani, wawelela ezweni lesethembiso, futhi uyabuya nobufakazi bokuthi izwe lalingokoqobo, wayenamagilebhisi, wayenamagilebhisi ababengawanambitha, ukuthi izwe lalingelangempela, ungafinyelela futhi unambithe a—amagilebhisi. Ngani, ayemakhulu kakhulu kangangokuthi amadoda amabili athwala isixheke sawo ehlombe lawo. "O," wathi, "izwe liyilo ngempela."

109 Ngakho abantu bawela, bakha amakhaya abo, babenesizwe sabo uqobo, babehlala ngokuthula, Isandla sikaNkulunkulu sasiphezu kwabo futhi sababusisa, futhi wabanika amadoda anamandla. Nokucabanga . . . Kodwa emva kwesikhashana, lapho sebeguga, ekugcineni behla futhi bafa. Khona-ke bafa, futhi into yokuqala niyazi, amagquma aqala ukumbozwa ngamathuna, amathuna abalungileyo, abaprofethi, ne—nezazi namakhosi, na—namadoda alungileyo.

110 Ngakho khona-ke lapho, elinye iQhawe elikhulu lehla, o, LaliyiNkosi yabo bonke, lalibizwa, umFulentshi uLibiza ngo "Jésus," uJesu, iQhawe, uJehova. Futhi Wehla futhi Wabathanda, kodwa Wathi, "Uyazi ufanele uguge futhi ufe, kodwa kukhona ukuPhila emva kokufa, ukuPhila emva kokufa. Ngokuba eKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi, uma bekungenjalo, bengiyakunitshela." Niyabo, Wenzani na? Esitshela thina bantu abadala ukuthi kukhona iZwe, emva kokuba sesidlule lapha, kukhona elinye iZwe. Hhayi kuphela ngeNsika yoMlilo ilandela, Wa*ye*yiNsika yoMlilo, ngiyakholwa, niyabo, niyabo, Wayeyiyo, iNgelosi yesivumelwano.

111 Ngakho Wayelapha-ke, futhi Wathi, "Ngemuva kokuthi indoda isiqedile lapha futhi usuphile isikhathi sakho, lesi yisikhathi sembewu, kodwa kukhona iZwe ngale kwalokhu umuntu ahlala kulo." Wafika eKadeshi-barneya yaKhe, ibizwa ngokuthi iKalvari. Akugcinanga lapho . . . Wahlulelwa, kodwa Wahlulelwa ngenxa yami nawe, Wathatha izono zika-Adamu. Futhi lapho Wamela ukwahlulelwa, wawela umfula iJordani,

wokufa, kodwa ngosuku lwesithathu Uyabuya. Wayeyini na? Eletha ubufakazi, njengoJoshuwa, Waletha ubufakazi bokuthi iZwe lingokoqobo, ukuthi umuntu uyaphila ngemva kokufa. Haleluya! Umuntu uyaphila ngemva kokufa.

112 UJobe wathi kuJobe 14, "Uma umuntu efa, angabuye aphile, noma, uyakubuye aphile na? Zonke izinsuku zesikhathi sami esimisiwe ngiyakulinda, kuze kufike ukuguqulwa kwami. Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." Engumprofethi, amakhulu eminyaka ngaphambili . . . Lapho u-Elihu ekhuluma naye futhi—futhi uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwalomprofethi, waqhuma amathumba, futhi esimweni esesabekayo, wayelahlekelwe yikho konke ayenakho ngaphandle kwempilo yakhe, futhi wayehlezi lapho, ngenkathi uMoya wehlela phezu kwakhe, wabuka phansi emfudlaneni wesikhathi iminyaka eyizinkulungwane ezine, futhi wabona ukuFika kweNkosi, wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, ngezinsuku zokugcina Uyakuma emhlabeni. Nakuba izibungu zesikhumba ziwubhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakuzibonela mina, amehlo ami ayakumbona, futhi kungabi omunye."

113 Futhi lapha Wawela iJordani emva kokuba Emele ukwahlulelwa kwezwe. Futhi Wawela iJordani, Wabuya, abanye babo bathi, "Ngumoya."

Wathi, "Ngiphatheni. Ingabe umoya unamathambo nenyama njengaMi na? Futhi kambe," Uthi, "ninakho ukudla na?" Niyabo?

"Yebo." Futhi baMnika inhlanzi nesinkwa, futhi Wakudla.

Wathi, "Manje, umoya awudli kanje." Amen.

114 Kodwa Wathi, "Bantwana, phumani lapha futhi nibhaphathizwe eGameni laMi manje, ngifuna nivume izono zenu. Futhi hambani futhi nilinde phezulu lapho emzini waseJerusalema, futhi ngizoninika isiBambiso salokho." Mm! "Ngizokunika isiBambiso sensindiso yakho." Uyazi ukuthi isibambiso siyini, idiphozithi, ngo—ngokunye kwakho, ngokuncanyana ko—kokwangempela. "Manje, ngizokunika isiBambiso sakho." Futhi khona-ke balinda kwaze kwafika usuku eSafika ngaso, futhi bemukela isiBambiso sensindiso yabo.

115 Manje, kucabangeni bangane, akusekho okunye . . . Sisendleleni yethu. Kuphi? EZweni lesethembiso, sihamba. Ngani na? UBufakazi. UJoshuwa wethu ubuyile, udumo, futhi sinoBufakazi. Ngokuba sake saba sesonweni naseziphambekweni, kepha safa ezintweni zezwe, futhi sembelwe kuYe futhi savuswa kanye naYe ekuvukeni kwaKhe. Futhi manje, siphezulu ngaphezu kwalezozinto, sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni.

116 Siyakuphila, uBufakazi. Wazi kanjani ukuthi Uyaphila na? Awu, ngiphila ngaphezu kwalokho, sengivele ngivusiwe kulokho, sengivele ngizinambithile izithelo zokuqala zovuka. Yilokho-ke, yilokho engikhuluma ngakho.

117 Manje, yebo, mnumzane, izinhloli ziyangena, lezizinhloli eziyizihlakani ukuba zihlole, futhi zithola lapho okuthize kuqala lapha, futhi ziphendulela izibhamu zakhe kukho, nokwenza bonke abesifazane ukuba bagqoke kabi, benze wonke amadoda aqale ukuzonda nokuqamba amanga. O, angavele akuthulule phezu kwabo, niyabo, ngoba bayiziqhwaga ngempela. Kodwa niyazi, lokho kungaphezu kwamandla kwabampofu, abantwana bakaNkulunkulu abathobekile. Yebo, kunjalo.

118 Uyazi, nalababantu bayanyonyoba bengena, bebaholela kude. Niyazi ukuthi uJuda washo, ngale eNcwadini kaJuda, wathi, "Bayanyonyoba bangene, bathi nyelele bangene, amadoda ezikhathi zakudala amiselwa ngaphambili kulokhu ukulahlwa." Awukukholwa, kuthiwani ngalokho na? Ya. "Bamiselwa ngaphambili kulokhu kulahlwa." Ini? Ngena, leziziqhwaga eziyizihlakani zingena, zinyonyoba zingena, "ziphendulela umusa kaNkulunkulu ube ngamanyala," niyabo, "ziphendula ukukholwa kwabantu." O, he!

119 Benzani na? Benzani lapho bengena na? Bona, bezama ukukubangela . . . Bayizinhloli zikaSathane, bayakutshela, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele." O, beza sekuleyithi kakhulu ngalokho, sazi kangcono. Yebo, busiswani izinhliziyo zenu ezincane, sazi kangcono. Yebo, mnumzane.

120 Kodwa benzani na? Bazama ukukubangela, njengoba kwenza uSathane nje, ukuba ulahlekelwe ukukholwa kwakho eZwini. Bazama ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Lokho kungukusetshenzwa kwengqondo kuphela. Akukho lutho kukho, nazo zonke lezizinto lapha," uzama ukuchaza yonke inkazimulo isuke, konke okuhle kusuke. "O, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. UNkulunkulu akakuqondile."

121 Lalela mfowethu, ngizokukhombisa, futhi ungangikhombisa, lapho uNkulunkulu akuthembisa khona eBandleni, futhi mina, engifuna ukwenze, ngukungikhombisa lapho Akususa khona kuKho. Qhabo, qhabo. Manje, Akakwenzi lokho, qhabo, uma kukhona noma yini okunye, Wengeza kancanyana kukho. Niyabo? Akakususi, Ufaka nje okwengeziwe kukho, njengoba Enza iZwi laKhe. Wathi iZwi laKhe, yilokho-ke. Ukuthi Yena . . .

122 Futhi uma iTestamente *eLidala*, isivumelwano *esidala*, ukubuyisana *okudala* kwakunokuphulukisa kukho, kangakanani lesi esingcono na? Impela. Linokungaphezu kokuphulukisa, linomphefumulo ophulukisayo, umzimba,

ingqondo, umoya, yonke into. I. . . Impela kunjalo, kunokuPhila okuPhakade kukho, impela kunakho, ngoba kungukuPhila kukaNkulunkulu kwenziwe kwabonakaliswa eZwini laKhe ngokuLikholwa.

123 Manje, kodwa bangena ngesinyelela, kulungile, futhi bazame ukonakalisa ukukholwa kwakho. Bazama nje ukukususa, niyabo, ngokuzindla kwasekholiji okuphucuzekile kwabo, niyazi, bayangena futhi bazindle, "Manje, bukani lapha, akusikho *ukuzindla* manje?" Ubungacabanga nje ngezinsuku zikaJesu babeyokwenza into efanayo na? Bayafika futhi bathi, "Manje, akunangqondo . . . ?"

124 Ngingacabanga . . . Bengihlale ngizama ukukwenza umdlalo wasesiteji, ngicabanga ngo—ngoFiliphu ngenkathi efika kuNathanayeli. Futhi uNathanayeli wathi, "Manje, asizindle, Filiphu. Manje, uma, uyazi lapho uMesiya ubengafika, Ubeyokwehla ngqo ngemihubhe yaseZulwini futhi ubeyo . . . uyazi ukuthi Ubeyokwenzani ni? Ubeyohamba ehlele ngqo egcekeni lethempeli lapho uMose alinikela khona." Leso kwakuyisikhathi sikaMose. Kunjalo. "Futhi Ubeyoba phezulu lapho, noKayafase umpristi wethu omkhulu ubezokwazi konke ngakho, niyabo, lokho nguzindla kuphela."

125 Kodwa Wafika kanjani na? Hhayi ehamba ehla ngemihubhe yaseZulwini, kodwa ekhuphuka ogwini olunodaka lwaseJordani; hhayi kuKayafase, kodwa u—umshumayeli obukeka elufifi ophuma lapho ezisonge ngesiqeshana sesikhumba semvu, wayeqhumisa nje lezozinhlangano zangalolosuku, ezidabula zibe yizicucu, wathi, "Nina nzalo yezinyoka etshanini, ubani onixwayisile ukuba nibalekele ulaka oluzayo na?" Umehluko onje pho! Kodwa ngayo impela nje indlela Athi Uyofika ngayo, kodwa bavele bakufunda bakweqe. Niyakubona lokho na? Iziqhwaga eziyizihlakani zabo zazikade zibafundela, niyabo. Ufanele nje uvumele uNkulunkulu aKufundele khona. UMoya oNgcwele waloba iZwi, ngakho uMoya oNgcwele uhumusha iZwi . . . ? . . .

126 Manje, kulungile. Bazama ezinsukwini zabo ukulinga uNowa ukuba angalikholwa iZwi likaNkulunkulu. Ngiyambona uNowa engena kulowomkhumbi, niyazi. Washumayela, wathi, "Kuza imvula, yilokho kuphela okukhona kukho. Iyehla."

127 Isiqhwaga sathi, "O, he! Ungamnaki loyomuntu omdala oyisidala. Ngani, u—usangene ingqondo. Niyabo?" Kodwa waqhubeka, futhi iminyaka eyikhulu namashumi amabili wakha lomkhumbi.

128 Manje, ngingacabanga nje ngibona, emva kokuba uNkulunkulu ethe, "Kulungile, Nowa, ngiyizwile nje imbiza yokugcina evela kubo engizoba nayo. Qhubekani nikhuphukele emkhunjini." Futhi uNowa wabona ongena lapho, futhi bheka kwaphuma amabhubesi, izingwe, ngambili-ngambili.

129 Ngiyayizwa i, bonke abantu bathi, "Khuphukela lapho, wena mgingqiki ongcwele, nezilwane zakho ezinukayo," uyabo. Ukumpongoloza, "Khuphukela lapho nazo zonke lezozilwane ezindala ezinukayo, uma ufuna." Kodwa niyazi, akazange ahlale nezilwane ezinukayo, waqhubeka nje ekhwela waze wenyukela phezulu esicongweni, niyabo, khona-ke uNkulunkulu wavala umnyango.

130 Futhi khona-ke niyazi ukuthini? UNowa wayenokuvivinywa kokholo lwakhe. Yebo, wakwenza, niyabo, ngoba, niyazi, wangena lapho mhla ziyishumi nesikhombisa kuFebruwari, kodwa niyazi ukuthini? Alizange line izinsuku eziyisikhombisa. Usuku lokuqala lwedlula.

131 Ngiyacabanga abanye bamakholwa athiyeka emnceleni ayakhuphuka futhi athi, "Awu, uyazi, kungenzeka ukuthi ikhehla beliqinisile. Uyazi, kungahle kube khona okuthile phezulu lapho esingakwazi ngisho nokukuthola, mhlawumbe isayensi ayizange ibuke ngokuphakeme ngokwanele, ngakho-ke singahle, sizokhuphuka futhi sime ngakhona, sizimatanise emhlanganweni isikhashana futhi sibone ukuthi kwenzekani."

132 O, he! Akukashintshi, nakancane, niyabo. Bafuna nje ukuthola iphutha elilodwa, futhi impela kubukeka sengathi sebenalo, ngoba ngosuku lokuqala bayafika, bathi, "Awu, sizokhuphukela lapho, futhi uma kunjalo, sizobiza uBaba uNowa, futhi simtshele ukuthi eze ehle, ehlise iladi futhi asiphakamise." Ngakho bonke bayafika, amakholwa athiyeka emnceleni, bonke abanye baqhubeka beshayisana futhi behleka.

133 Labo abanye, bethi ukuzimatanisa, balalele uNowa kanye ngankathi, bathi, "Kungahle kube njalo, ngakho-ke sizoma ngakhona, ngisho noma ngabe umnyango uvaliwe, singangena, UNowa unenhliziyo enhle, uzosingenisa." Kodwa niyazi, uNkulunkulu wavala umnyango, uNowa wayengahlanganise lutho nakho.

134 Futhi khona-ke into yokuqala niyazi, usuku lokuqala, uNowa wathi, "Nonke zilungiseleleni manje, nonke nina bantwana zilungiseleleni manje, nizozwa ukushaya kokuthile, futhi kuzoba yinto ethile eningazi lutho ngayo. Anikaze niwuzwe umsindo onjalo, kuzoba kubi kakhulu kunokuqhuma. Futhi kuzophuma ezibhakabhakeni, nobumnyama obukhulu, ngakubona embonweni, futhi amanzi azogobhoza lapho njengemithombo."

Ngosuku lokuqala ilanga liyaphuma, futhi, bathi, "Heyi." Ngehora leshumi nqo, ngeleshumi nambili nqo, ngelesithathu nqo, ngelesihlanu nqo, akukho mvula. UNowa wacabanga, "Lindani umzuzu nje."

Bonke bathi, "A, kwakungekho lutho kukho. Awu, asizame olunye usuku."

135 Usuku lwesibili: "Izoba lapha ekuseni. Ileyithi kancane, kunjalo, izoba lapha." Futhi ngakusasa ekuseni, ngelesishiyagalolunye nqo, ngeleshumi nqo, ngeleshumi nanye nqo, akukho mvula. Kwadlula izinsuku ezinhlanu, kwadlula izinsuku eziyisithupha, wadingeka alinde ngokushisekela.

136 Kunjalo, sifanele silinde ngokushisekela futhi. E-hhe. Kodwa uma uNkulunkulu esho noma yini, hlala nayo. Kungukuthi, "Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe." Futhi sithatha iZwi laKhe, silinde ngokushisekela. UNkulunkulu wethembisa uMoya oNgcwele, yiba njengoBuddy Robinson omdala, wathi, "Nkosi, uma Unganginiki uMoya oNgcwele, lapho Ubuya Uyothola inqwaba yamathambo ilele khona lapha." Yilokho-ke, linda ngokushisekela, hlala lapho, "UNkulunkulu washo njalo."

137 U-Abrahama walinda ngokushisekela iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ngaleyongane, kodwa yafika lapho. Yebo, mnumzane. Imuphi umehluko na? Ukuze kufike nje, yilokho kuphela okudingekayo. Wakwethembisa, ngakho hlala nakho.

138 Futhi emva kwezinsuku eziyisikhombisa, khona-ke ngalokhokusa wavuka, futhi wathi, "A-o, nakho-ke." O, umuzwa onje pho! He, ungathini nje? Wayazi ukuthi isithembiso sasiseduze. Ngani? Wayengezwa . . . Ngalokhokusa ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, wayengezwa, le kude, ukubhonga, lelofasitela livuleka phezulu, mhlawumbe amafidi angamashumi amabili ukunqamula noma ngabe kwakuyini, lelofasitela elikhulu phezulu lapho.

139 Niyazi, lowomhlaba owomile nkwe oshisayo nalelolanga elishisayo, lokho . . . Uyazi lapho uthola isikhathi sesimo sezulu esomile ngempela isikhathi eside, khona-ke ebangeni ungawuzwa lowomoya opholile uqhamuka kuleyomvula na? Wayazi ukuthi yayiza.

140 Yileyo inkathazo ngezwe namuhla. Niyazi, abantu bayaqalaza, bathi, "O, ibhomu le-athomu! Sizokwakha indawo yokukhosela. Sizokwenza *lokhu*." Umbhedo. Umbhedo. Nesabani na?

141 UNowa wathi, "Mina . . . Lokho kuzwakala njengalokho Angitshele khona." Lokho kuyafana manje, kuzwakala nje njengalokho Angitshele khona. Yebo, mnumzane, kwangiguqula. Futhi ngikholwa ukuthi ukuFika kweNkosi kusondele kakhulu singawuzwa nje umoya uphuma kukho. Yilokho okwesabisa abantu nokwenza iBandla lizilungiselele uku . . . ngoHlwitho, ukuhlwithwa. Impela, sisesikhathini sokuphela, impela.

142 Ngakho into yokuqala niyazi, izimvula ziqala ukuna nezikhukhula ziqala ukukhuphuka, imigwaqo yagcwala amanzi, usuku emva kosuku emva kosuku, futhi ekugcineni, ahamba amafidi angamashumi amabili phezu kwentaba

ephakeme kunazo zonke, futhi babhubha emanzini, bonke abangakholwayo, kodwa uNowa wantanta wadabula kuwo ngqo. A-hha. Amen. Yebo.

143 O, kholwa iZwi likaNkulunkulu, akunandaba ukuthi aLinabusayensi kanjani, Likholwe, ngoba uma Lingafakazelwa, khona-ke ngeke lisaba ukukholwa. Ufanele uLikholwe lapho Lingeke lifakazelwe, u—ufanele uLikholwe.

144 Libangela ukuthi ulahlekelwe ukukholwa eZwini, e, eZwini likaNkulunkulu, kodwa bafuna ukuthatha ingxenye yabo yobuhlakani futhi bakwenze. Kulungile. Bathi, "*Yilokhu*."

145 Thina, iBhayibheli lasho, ukuthi, asibambene ngokuphulana iminwe, inyama negazi, kodwa sibambene namandla kamoya. Manje, uma nje kuphela ungakubona, ngishilo esikhashaneni esedlule, sivuke kanye naYe manje. Angeke ufe, usuvele ufile. Niyabo? Kodwa imimoya yethu iyaphila kuYe. Ngakho asibambani nezinto zemvelo, izinto zesayense, sibambene namandla kamoya.

146 Niyazi, ababambanayo, bazijwayeza ukwephula iminwe nezinto, kodwa aniziphuli lweminwe, qhabo. Ubungacabanga obambanayo ephuma manje, he, nezinzipho zakhe ezipholishiwe, amablukwe angaphansi anazo zonke izinhlobo zobuhlalu begolide nxazonke na? Kubukeka njengobambanayo omuhle kakhulu, kodwa uma lokho kuwubuhlakani kuphela, uma engenawo amandla afihliwe lapho, ukuthi, lapho isitha sakhe sithola ukuphula iminwe kuye, ukuthi angamkhipha kukho, haleluya, ubuhlalu bakhe bobuhlakani obumzungezile nakho konke ngeke kwenze mehluko ongako.

147 Ngakho bonke ubuhlakani bethu abusho lutho uma engekho amandla afihliweyo kaMoya oNgcwele lapho, haleluya, ukwephula ukubamba kukadeveli. Kodwa thina, umdlalo wokubambana, asibambani nenjulamqondo yobuhlakani egqoke kahle, kodwa sibambana namandla kanye nesithembiso sikaNkulunkulu esinganqamula noma yikuphi ukubamba kunoma yimuphi udeveli nganoma yisiphi isikhathi. UJesu, iNkosi yethu, wakufakazisa ngenkathi Engu-Emanuweli, uNkulunkulu qobo lwaKhe enziwe inyama phakathi kwethu. Futhi ngenkathi Ehlangana noSathane, ukukhombisa ukuthi uSathane wayengehlulwa ngeZwi, njalo uma uSathane eza kuYe, Wayethi, "Kulotshiwe. Kulotshiwe."

148 O, ngingathanda kanjani ukuthatha isikhathi lapha kwelinye inothi engilibhale lapha, ezintweni Azisho, kukangaki Ephula amandla kaSathane ngokuthi "Kulotshiwe!" O, he! Ekhombisa ukuthi lowomuntu oqinisiwe emva kweZwi likaNkulunkulu angamemeza kakhulu, "Kulotshiwe, mdedele. Dedela, Sathane, ngokuba kulotshiwe" uma umi emva kweZwi. "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, celani enikuthandayo."

Kunjalo. Angeke kube yiphutha, lokho kufanele kube ngokulungile.

149 Yebo, siyawadinga lawomandla afihliwe njengoba uSamsoni wayenawo. Ngike ngabona isithombe sobuhlakani sikaSamsoni othile wasidweba, wayenamahlombe, ngokweqiniso, angikholwa ukuthi indoda yayingama emsamo. Angikaze ngiwabone amahlombe anjalo! Lokho bekungeke kube yimfihlakalo, ukuthi wayengalicosha kanjani ibhubesi, alidwengule lihlukane, noma aqukule amasango bese ekhuphukela egqumeni nalo, noma into efana naleyo. Bekungeke kube yimfihlakalo, indoda engako, kodwa wayemncanyana, isigqunswana esinekhanda elinezinwele ezisongene, cishe *kanjalo*, umfanyana kamama, izinwedlana ezisongekile zilengela phansi.

150 Kodwa lapho leyonto yayikhona, abaqondanga ukuthi kukuphi lapho ukuthi wayengawuthatha kanjani umhlathi womnyuzi futhi phezu kwazo izigqoko zezivikelo ezingaba yi-intshi nogqinsi ingxenye, nalowomhlathi omdala wawuyokwephula ngokukhotha kokuqala, umhlathi omdala owomile oyimpushana, kodwa wavele nje washaya lawomaFilisti kwesokudla nakwesokunxele ngawo. Kwakuyini na? Kwakungamandla afihliwe. Yilokho-ke. Akazanga ukuthi kwakukuphi. Niyabo?

151 Yilokho iBandla eliyikho namuhla, BanaMandla afihliweyo, o, he, Into ethize ebaqinisayo. Kuyini na? YiZwi, ukubonakaliswa komusa kaNkulunkulu nabantu baKhe. A-hha. Yebo, mnumzane. Yebo, uma ungenawo aMandla afihliwe. . . Namuhla siyafunda ezikoleni, sithumela abantwana bethu ezikoleni zeBhayibheli, lokho kulungile, khumbulani, akukho okuphambene nakho, akukho lutho, kodwa lokho akusikho okubalulekile.

152 Niyazi, uPetru ngalobobusuku, o, ukuthi wayenze kanjani. . . lapho umpristi omkhulu ekhuphuka, inceku yakhe, wahosha inkemba yakhe, wayekwazi ukulwa kwababili, wahosha inkemba yakhe wanquma indlebe yayo. Ya, wayenokuningi kwa—kwamandla ezingalweni zakhe, kodwa lapho sekuza ekubeni nesibindi sikomoya, wayengenaso, waphika iZwi leNkosi, ngoba uKristu wayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe, ngakho waLiphika.

153 O, ngingathanda kanjani ukulibala kulokho imizuzu embalwa, kanjani ukuthi leloZwi. . . Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kepha uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani imisebenzi." Wathi, "Nina bazenzisi, ningazibona izibonakaliso ezibhakabhakeni," mayelana, niyazi, imvula iza nokunye nokunye, kodwa wathi, "izibonakaliso zesikhathi anikwazi

ukuzibona. Ngokuba nina, ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi." Niyakuthola na?

154 Futhi uPetru wakubona konke lokho, futhi wakuzwa konke lokho. Futhi ngengalo eyayinganquma leyo nceku yompristi . . . Ufanele ukuba wayeyindoda yenkemba ngempela, ngoba wayeyinceku yompristi, futhi wayengumqaphi, waphumela lapho, wayengasebenzisa umkhonto wakhe, kodwa uSathane wayenjalo, noma—noma, uPetru wayengcono kakhulu ngomkhonto, noma, ngenkemba yakhe kunomkhonto wayo, wanquma izindlebe zayo.

155 Kodwa lapho sekufika kokwangempela, isibindi phansi-ngaphakathi-kuye, wayengenaso. Qhabo, wayengenaso. Lapho eselibonile leloZwi . . . Manje, ngizoba nenkolo. Ngenkathi esebone leloZwi libonakaliswa, futhi azi ukuthi lolo kwakuwusuku laLo ukuba lube lapho, futhi waLibona likufakazisa impela lokho uNkulunkulu athi Liyokwenza, futhi khona-ke ngawo wonke amandla akhe obuhlakani, bonke ubuntu bakhe ngokomzimba . . .

156 Kukanjalo namuhla. Amadoda avele akhuphuke futhi abhale amagama awo encwadini, labo abaxhawulana nomfundisi, futhi lapho sekufika ekumeni esikhundleni nomphathi edlulisa isiphuzo, bazosithatha, besabela umsebenzi wabo. Kuza ekukhokheni okweshumi kwakho ebandleni lakho, uyesaba ukukwenza, ngoba wesaba ukuthi uzobulawa yindlala, futhi uyazi uNkulunkulu wenza isithembiso sokuthi Uyokunakekela, zonke lezizinto.

157 Futhi lapho uza ebandleni, noMoya oNgcwele wehlela phakathi kwabantu, futhi Okuthile enhliziyweni yakho kuyakutshela, "Yilokhu, lelo yiZwi." Lapho ubona umbhaphathizo nakho konke okunye kukhishwa eZwini, uyesaba ukukuthatha. Kwenzenjani na? Uswele isibindi, isibindi sokomoya ukuba usukume.

158 Ngakho wayengenaso. Wayekwazi ukulwa kwababili, wayengathi, "Ngingoka *S'bani-bani*, ngikunika ukuba uqonde." Kodwa kwakungesikho lokho okwakuyikho. Kodwa ngenkathi ebona iZwi libonakaliswa wayese-ke eLiphika, o, kwakuyinto embi kanjani leyo!

159 Kodwa, mfowethu, emva kwePhentekoste wenyuka futhi wahloma zonke izikhali zikaNkulunkulu, impela waba nesibindi ngaleyonkathi. Bukani lowomfo ofanayo, ikholwa kuKristu, wamlandela ihora nehora, kodwa wayebone iZwi ngencwadi kuphela, wayeLibonile libonakaliswa kuphela, kodwa manje Lase *li*kuye. Udumo! Haleluya! IZwi lika . . . IZwi likaNkulunkulu elivuthayo lalivutha enyameni yakhe uqobo. Kwakuyini na? UNkulunkulu kuwe. Amen. UNkulunkulu, uKristu, ithemba leNkazimulo libonakaliswa kumuntu eBandleni. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayenzani. Yebo,

mnumzane. Kwakungasesikho ukwethemba ku*lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*, kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. Amen.

160 Khona-ke wasukuma lapho futhi wathi, "Nina madoda akwa-Israyeli, nani enakhileyo eJudiya, lalelani izwi lami, laba abadakiwe njengoba nicabanga. Lokhu yikho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, 'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, ngizothulula uMoya waMi," Whewu! Whewu! "'phezu kwayo yonke inyama, namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi nezincekukazi eziyizisebenzi zaMi ngiyaku. . .'" Amen. Akukho buhlakani ngalokho, wayenokuthile.

161 Kwakuyini na? Wayefake zonke izikhali zikaNkulunkulu. Whewu! Hhayi kakhulu njengengubo yompristi omkhulu, kodwa wayenokuthile ngaphakathi kuye, izikhali zikaNkulunkulu zingena ngaphakathi, okomoya, amandla kaNkulunkulu afihliweyo iso lobuhlakani elingawaboni nhlobo. UJesu akakaze athi, "Nikubonile na?" Wathi, "Nikukholiwe na?" Amen. Yebo, mnumzane. O, he!

162 Bengihlale ngenza *iphutha* elincane elingenanhlonipho. Mhlawumbe, bengingaqondile ukulenza, kodwa mhlawumbe ngikusho ngokungesikho, kodwa bengihlale ngithi, "Khona-ke uPetru wathi, '*Lokhu* yi*lokho*,' futhi uma *Lokhu* kungesikho *Lokho*, ngifuna ukugcina *Lokhu* kuze kufike *Lokho*." Ngi—ngi—ngi—ngikholwa ukuthi *Lokhu* yi*Lokho* nokho, ngoba Kuthathe isoni esincane njengami futhi kwenza okuthize kimi, Kufake uthando enhliziyweni yami oluvuthayo. O, he! Futhi manje, sekuyiminyaka engamashumi amathathu luvutha futhi lusavutha, luya ngokukhanya ngaso sonke isikhathi njengoba ngiya ngakuleyoNdawo. Yebo, mnumzane. O, he, iZwi laKhe!

163 UPetru emi lapho waMphika, kodwa ezinsukwini ezimbalwa kamuva wema phambi kwesixuku sonke. Ngani? Khona-ke wayenohlangothi lobuhlakani, inkemba, "Sibe nesigidi ngaphezulu ngonyaka odlule. Sibe *nabaningi-kangaka* enhlanganweni yethu." Kodwa manje unokuthile ngaphakathi. O, he! Uhlome ngazo zonke izikhali. O, he! Kumangalisa kanjani! O, yebo. Kulungile.

164 O, uNkulunkulu Uzenza abe khona ebuthweni laKhe ngaleyonkathi. Niyakukholwa lokho na? Manje, uNkulunkulu wathi, "Ngabathumelela iZwi, u-Eva wavele wahamba ngaphezulu kwaLo ngqo, akaLikholwanga, NgaLibonakalisa, futhi baLibethela, seNgiyakhathala nje, Ngiyeza qobo lwaMi." Ngakho nangu Eza, uNkulunkulu ekuwe. UNkulunkulu phezu kwethu, iNsika yoMlilo; uNkulunkulu enathi kuJesu Kristu; UNkulunkulu kithi, uMoya oNgcwele. Kuyini na? IZwi elifanayo, uNkulunkulu ofanayo. Amen.

165 Engasathembeli kunoma yini enye, uNkulunkulu uyafika Yena uqobo. Lona umsebenzi olingana noMuntu, ngakho Wavele wawehlisa wonke, futhi wehla Yena uqobo, "Ngeke kudingeke benze lutho ngakho, bavumele nje bazinikele kiMi futhi ngizohamba phakathi kwabo, ngixoxe kubo, ngikhulume kubo, ngisebenze kubo, ngenzisise." O, he! Yilokho-ke. "Ngizokwenza i, ngenza . . . Ngizokwenza umsebenzi, mabazithobe nje qobo lwabo, mabazithulule nje, Ngizosehlula isitha saMi ngaphandle lapho ngabo." Yilokho-ke. Awukwazi ukukwenza kuwe uqobo manje, awufanelani naye, kodwa uma nje uzovumela uNkulunkulu akwenze, angenise iZwi kuwe, khona-ke kuzoba, konke kunakekelwe.

166 Manje, uNkulunkulu waqinisa impi yaKhe. Ngani na? Yena uqobo, esesimweni sabaprofethi, abaphostoli, abafundisi, abelusi. Wenzani na? Wayenzani uNkulunkulu na? Lalelani, senake nacabanga ukuthi ziyini lezozikhundla zeBandla na? Yingubo kaNkulunkulu, ingubo yangaphakathi, umphostoli, umprofethi, umboni. Ukubona ngaphambi kokuba uSathane aze afike kukho, usevele ukushilo. Kuyini na? UNkulunkulu egqokile eBandleni laKhe, lezizikhundla zingukugqoka ingubo kukaNkulunkulu. Lapho ubona lezozikhundla, abelusi, abafundisi, abavangeli, kuyini lokho na? Lokho ngukugqoka ingubo kukaNkulunkulu, uBukhona bukaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu, futhi uma . . . kusebenza ngomuntu.

167 Futhi uma lesosikhundla siphika noma yikuphi kwaleliZwi, khona-ke akusikho ukugqoka kukaNkulunkulu, niyabo. Niyabo? Qhabo, akusikho lokho, lokho yileyompisi embethe isikhumba semvu. Mbhekisiseni lowomfo, mqaphele. Kodwa lapho nje ethatha lokho iZwi elikushoyo, khumbulani, lowo nguNkulunkulu, ngoba ukhuluma iZwi laKhe. Niyabo? Kodwa uma ethi, "Awu, akunjalo . . . " O, o, o, o, o, o, he! Hamba, yimvu, hamba!

168 Wakwenzelani lokho na? Manje, izwe belingeke likholwe ukuthi uMuntu wavuka futhi, abakukholwanga kwasekuqaleni, bathi, "Awu, awu, ba—ba—baMeba bamsusa, abafundi bakhe bayafika, baMeba bamsusa. Yebo, i . . . " Abakukholwanga, bakubonile lokho.

169 Futhi uNkulunkulu wathi, "Manje, ake ume kancane, ngizoza futhi ngibe kuKho qobo lwaMi. Ngizohlangana nesitha saMi eBandleni laMi, ngizosishaya ezinkundleni zaso uqobo."

170 Wakwenza lokho kanye. Ya. Niyazi ukuthi Wenzani na? Wathatha uMose wammisa ngqo ngasekugcineni kwekhala lakhe, futhi wavumela isitha simphakele futhi simkhulise, kanjalo nje ngqo, wehla, futhi wasinqoba isitha futhi wasicwilisa ekugcineni koLwandle oluFile. E-hhe. Kunjalo. Impela, Wakwenza. Khona-ke ukucabanga . . .

O Nkulunkulu Ongenasiphelo! Yini okufanele sikhathazeke ngayo na? UnguNkulunkulu. Nje—nje qhubeka futhi uMkholwe. Impela.

171 Manje, Wathi Uyokwenza, yini Ayeyokwenza na? Wayezofika futhi Aziqinisekise qobo lwaKhe eBandleni laKhe, futhi Babeyoqinisekisa ukuvuka kwaKhe ngemisebenzi yaKhe. Niyabo? Ya, uJohane 14:12, ngicabanga ukuthi kunjalo, ya, uJohane 14:12, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

172 Niyabo, kuyini na? Manje, wena uthi, "Ngiyakholwa," lelo yizwi nje, kodwa uma ukholwa ngokweqiniso, lokho yi*Lokhu*. Uma EyiZwi, khona-ke ufanele ukholwe lonke iZwi, "Okholwa yiMi wonke," (ungakholwa nje ingxenye yaKho, "kholwani yiMi wonke,") "khona-ke imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza," ngokuba UseyiZwi elifanayo. Ngakho uma KuyiZwi elifanayo, Liyokwenza imisebenzi efanayo.

173 Uma loMoya oNgcwele olapha namuhla, uma kungesilo iZwi elifanayo oKwakuyilo ekuqaleni . . . uma Kuyilo, Lizokwenza imisebenzi efanayo. Yingalesosizathu uJesu athi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." O, ngithanda ukuhlala kulokho isikhashana, kodwa sekuleyithi kakhulu. Ngani? IZwi elifanayo, imisebenzi efanayo, niyabo, ngoba uJesu wayeyimisebenzi kaNkulunkulu, siyakwazi lokho.

174 UMathewu 28 wathi, "Ngizoba nebutho laMi, hhayi lokho kuphela, kodwa Ngiyahamba *ngingena* ebuthweni laMi." O, he! O, he! Cabanga ngakho. IQhawe lethu elikhulu, ukuNqoba okukhulu, iZwi-Jenene, kithi. IZwi, Owenziwa inyama futhi wanqoba phezu kwawo wonke udeveli, konke ukugula, ngisho nokufa, isihogo, nethuna, lowoJenene ofanayo ukithi, kanye nathi. Isikhathi eside kangakanani na? "Kuze kube sekupheleni kwezwe," kuqhubeke kwehle ngqo. Cabanga ngakho, Lowo ohola impi.

175 Wonke amandla esitha anqotshiwe. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathatha iZwi futhi wanqoba phezu kwakho konke uSathane ayenakho, Wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo, wanqoba ithuna, Wavuka ngosuku lwesithathu, futhi Uyabuya futhi manje usehlala eBandleni laKhe, leliQhawe-Zwi elikhulu, iQhawe elaliyiZwi.

176 Futhi leloQhawe elifanayo eliyiZwi likithi, liziphilela Lona uqobo, ligcizelela sonke isibonakaliso sokuvuka kwaKhe nokuFika kwaKhe. Amen. Uyakwenza namhlanje, ngalesisikhathi sakusihlwa, lapho iziNkanyiso zakusihlwa ziqala ukukhanya. Haleluya! LeliQhawe elikhulu, uKristu, osevele unqobile, akusiyo into yokuba ngiyenze, ngivele ngilandele. Amen. Amen. Onke amandla enqotshiwe. Ukubalekela imiBhalo emininingi lapha. Ngiyakuthanda lokho.

177 Ngicabanga ngalokho, ngesinye isikhathi lapha eminyakeni embalwa edlule, ezansi eJeffersonville, iPfau Oil Company yokheleka ngomlilo. Futhi sinenqwaba yezinjini ezincane zomlilo ezansi lapho, futhi bayafika bebukeka njengengane enepayipi egcekeni. Isikhulu somlilo sasigijima sizungeza lapho, niyazi, sithi, "A, e, fafaza kancanyana phezulu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . *lapha*," sihlafuna lesosigazu, njengenkabi yaseTexas enqindwe izimpondo, sihamba, "*Lapha*, fafaza kancane *ngapha*." Futhi bonke abacima imililo bagijima bedonsa ipayipi, "Yebo, Mnumzane, Mhlonishwa, Mnumzane." *Shwi*, *shwi*, *shwi*, *shwi, shwi*, *shwi*! Umlilo uvutha uqhubeka ngqo, uvutha uqhubeka wehla.

178 Emva kwesikhashana babiza iLouisville, ngaphesheya kwebhuloho kwafika injini yomlilo enkulu. Kungengaphezu kokuba base bemile, babenelada eligoqwayo, ubani owayemile . . . ? Ngaphambi kokuba ilada liqale, induna yayingaphambili; lapho ilada likhuphuka, induna yayisesiqongweni. Lapho ifika efasiteleni, ayizange ime lapha, "Chinsani amanzi amancane *lapha*, chinsani amanzi amancane *lapho*." Yenzani na? Yathatha imbazo yayiphonsa ngefasitela futhi yathi, "Wozani, bafana!" Udumo! Yilokho iNduna yethu ekwenzile. Haleluya! Yahola indlela eya ekufeni, esihogweni, nasethuneni, futhi Yathi, "Wozani, bafana!" . . . ? . . . uhlobo oluthile lwesivumokholo. O, "Woza!" Ihola indlela. Haleluya! Imizuzu embalwa umlilo wawusucishile.

179 Makaphule amafasitela nezindonga zezivumokholo zakho futhi angene kanye. Zonke izinkolelo-ze nodeveli kuzondiza kusuke. Udumo! Izinto zizoshintsha. Asidingi iziqhwaga ezinkulu ezinobuhlakani, silandela iNduna nje. INduna iyehla ngqo, futhi yathatha iZwi likaNkulunkulu futhi yabhobokela kukho ngqo, yathi, "Nakhu lapho enikhona."

180 Niyazi, ngiyatshelwa ukuthi indiza ijethi, emuva kokuthi ihambe ngokushesha kakhulu, ifika esivimbelweni-msindo, bese-ke izofanele ivevezele futhi iqhaqhazele ize idlule kulesosivimbelo-msindo, futhi ngemva kokuba isidlule lapho, ivele igijime ngokukhululeka. O, kungaleyondlela, mfowethu, ungavele ufe kukho konke, uze udlule isivimbelo sesono, lokho ngukungakholwa, yedlula kulokho, futhi yonke into izohamba kahle. Lapho uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe unganyakazisa wonke udeveli asuke kuwe futhi ugijime ngokukhululeka, yonke into. Amen. Hloma zonke izikhali. Yebo, mnumzane.

181 INduna iyahola, isiholela eKhaya. Amen. "Woza Ekhaya. EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi, ukuba bekungenjalo, beNgiyakunitshela. aNgiyikunishiya ningananduduzo. Ngizobuya futhi ngibe nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana nezwe ngeke lisaNgibona,

nokho niyoNgibona nina. Ngokuba ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." INduna, ihola iqhubeka. Amen.

182 INkosi yami iyayazi indlela enqamula ehlane, konke okumele ngikwenze ukulandela. Amen. Yizwa uku*gxoba*, *gxoba*, *ukugxoba* kwebutho, limasha liya ekunqobeni, linganaki konke lokhu kungakholwa namagwababa amadala noklebe beklabalasa ngalapha, siyizinkozi, asijubalale siphume kuyo yonke into, mfowethu. Amen.

183 Lapha esikhathini esithile esedlule embuthweni, ngenkathi isizwe sakithi siqala ukunikeza isigqoko esiyisivikelo, o, he, lowo osanda kuqashwa omncane wayengafuni ukusigqoka leso, kwakubonakala kungenasidingo, kodwa lapho efika empini wayesidinga. UNkulunkulu akahlinzeki ngalutho, ngaphandle uma Enesidingo sakho. Konke Akuhlinzekela khona, kungcono ukuthathe, ngoba uzokudinga.

184 Osanda kuqashwa omncane enomthwalo ongamaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye emhlane ekuqeqeshweni, egqoke ingubo entsha yensimbi yokuzivikela, uyazi, futhi akaboni noma yisiphi isidingo, ephethe lowomthwalo ongamaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye nawo onke amapiki, namafosholo, namabhomu esandla, nakho konke okunye, kodwa ake angene empini kanye! Isikhathi sizofika lapho ofanele ube nakho. Kunjalo.

185 Yingakho uNkulunkulu ohlakaniphe ngakho konke ehlomise impi yaKhe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wazi ukuthi leziziqhwaga ezinobuhlakani ziyoma ngalolu izinsuku zokugcina. Haleluya! Wayazi ukuthi ziyokuma, futhi ziyokwazi ukuchaza, ngokuhlakanipha kwazo okukhulu, amandla kaSathane. UPetru wathi, "Banjengengonyama ebhongayo, eshwabadela lokho ekufunayo." Yebo.

186 Kodwa Wathi, "Angizukunishiya niyizintandane, Ngizobuya futhi, Ngizoba nani." Wahlomisa ibutho laKhe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wathi, "Khuphukelani lapho, nonke futhi nilinde." ULuka 24:49. "Bhekani, Ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba wami phazu kwenu, kepha hlalani emzini waseJerusalema, nize, nize nembathiswe aMandla avela Phezulu. Emva kwalokhu, uMoya oNgcwele usufikile phezu kwenu, khona-ke niyakuba ngofakazi bami, eJerusalema, neJudiya," IZenzo 1:8, "kwehle kuthi ngqu emikhawulweni yomhlaba."

187 Ngenkathi uMoya oNgcwele wehla noMlilo uqala ukwehlela phezu kwabo, bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, phandle emigwaqweni bagijima bonke kanyekanye, bathi, "Kusho ukuthini konke lokhu lapha na? Kungani sizwe wonke umuntu ngolwimi lwakithi, esazalwa nalo na?" Baqhubeka futhi babiza

izilwimi ezahlukene ababezikhuluma. Abanye babhuqa bathi, “Laba bagcwele iwayini elisha.”

188 Kodwa uPetru wasukuma phakathi kwabo, futhi wathi, “Nina madoda aseJerusalema, nani enakhileyo eJudiya, makwazeke lokhu kini, futhi lalelani amazwi ami: Laba kabadakiwe, njengoba nicabanga ukuthi kunjalo, ngani, kuphela kuseyi—ngani, yihora lesithathu kuphela losuku.” Ngehora lesishagalolunye ekuseni, izinkantini azikavulwa ngaleso sikhathi. Niyabo? Yilokho-ke, yebo, mnumzane. “Lokhu akusikho lokho, kodwa lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli,” ebuyela kuleloZwi. Futhi waligweda, futhi walinquma kusukela ohlangothini kuye ohlangothini. Amen.

Futhi lawomalungu ahlabeka enhliziyweni zawo futhi athi, “Madoda bazalwane singenzani na?”

189 Wathi, “Phendukani, nonke, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiPhiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Yebo, mnumzane. Kukhona iphethini, yilokho athe kwenze, kulandele kanye futhi ubone ukuthi akulungile yini. Amen. Kulungile. Yebo, mnumzane. Ngiyakuthanda lokho, ngoba kuyisithembiso.

190 ETestamenteni eLidala lapho imana yehla, imana yokuqala eyehlayo, UNkulunkulu wabatshela ukuba baphumele lapho futhi bathole igalane eligcwele lokho, amagalane agcwele, futhi balifake endaweni eNgcwele-ngcwele; uma bezama ukuyigcina, inemihlwa emncane, inonoshobishobi kuyo. Niyazi ukuthi yini onoshobishobi, sibabiza kanjalo ezansi eningizimu lapho. Bangena emthonjeni nakho konke, niyazi, ngezinambuzane ezincane—ezincane. Yileyo inkinga ngesehlakalo sabantu abaningi kakhulu, basinezinambuzane kuso, niyabo, ukuzama ukukugcina phezu kwalokho owawunakho eminyakeni emibili edlule. He, asikulungise khona manje futhi. Niyabo?

191 Leyo Mana yayiwa njalo ebusuku, naleyoMana kwakunguKristu. Niyabo, awukwazi ukugcina isehlakalo sayizolo, ufanele ube nesinye khona manje. Niyabo? Kunjalo, namuhla. Kodwa kwakukhona enye yayo eyayigcinwe ngemuva endaweni eNgcwele-ngcwele, eyayihlala, Wathi, “Zonke izizukulwane ezikulandelayo, lapho beba ngumpristi ebupristini, bangadla imana yasekuqaleni eyehla ekuqaleni.” Niyabo?

192 Bukani, manje uPetru washo into efanayo. Yena... Bathi...Wathi, “Lokhu yilokho, lokhu yikho.” Wathi, “Manje, phendukani nonke, futhi nibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba

isithembiso ngesenu," manje singabapristi basebukhosini, "nakubantwana benu, nakubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

193 Wonke umuntu, uzoza ngalefomula, akhuphuke futhi aphenduke ngempela, futhi abhaphathizwe, bhekani phezulu kuNkulunkulu, akayikuninika okugcwele umlomo, kodwa okugcwele inhliziyo, hhayi into ethize, hhayi umuzwa othile noma isayense ethize ephathelene nengqondo, kodwa uMoya oNgcwele wangempela, owasekuqaleni owehla ngoSuku lwePhentekoste, thola into efanayo, yebo, uma ulandela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo.

194 Njengokunikeza umuthi, odokotela abaningi kakhulu namuhla. . . Kuthiwani uma uthathe u—usokhemisi futhi akagcwalisanga isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngendlela udokotela asibhale ngayo na? Uyazi ukuthi bekuzokwenzekani na? Kubulala. Yilokho okuyinkinga, unamalungu ebandla amaningi kakhulu afile. Udumo! Mfowethu, ungagxambukeli kukho, yilokho udokotela akubhalile. Vele ukuthathe ngendlela okuyiyo, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Sinosekhemisi abaningi kakhulu abangowaka. Yebo, mnumzane.

195 Wayazi ukuthi impi yaKhe yayidingani, yingakho Abahlomisa ngoMoya oNgcwele. Bayazi ukuthi bafanele. . . Wayezodingeka abe nabo, babezodingeka babe naYe. Yebo, mnumzane. Wayekwazi ukuba ngufakazi osebenzayo, bona, ukufakaza ngokuvuka kwaKhe, babezodingeka babe noMoya oNgcwele.

196 Manje, Wathi, uMarku 16, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli." Ngamanye amazwi, nibonise amandla. "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abemukela iVangeli." Niyabo?

Manje, vele usho amazwi obuhlakani. Qhabo, qhabo. Babengeke bakwenze lokho ngamazwi obuhlakani, leloZwi lifanele lenziwe inyama, libonakaliswe. Niyabo?

197 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, baphuze okubulalayo, babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda." Bebonisa amandla kaMoya oNgcwele, iZwi elibonakalisiwe. "Lezizinto eNginitshela zona ziyofezeka," njengeZwi eliphilisayo, "kufezeke." Unamandla kaMoya oNgcwele kuwe. Akuwena, NguMoya oNgcwele okwenzayo. Niyabo?

198 Manje, ukuze ube ngufakazi osebenzayo kaNkulunkulu ufanele ube noMoya oNgcwele, ngoba ngaphandle kukaMoya oNgcwele angeke ukwenze lokho kuphile. Futhi uyazi ukuthi uzokwenzani? Uzothatha umbono othile wobuhlakani

besiqhwaga ngakho, futhi uwudlule, bese uthi, “Lokho kwakungenxa yabaphostoli nje.” O!

Kunabantu cishe ndawo zonke,
Abanhliziyo zabo zonke ziyavutha
NgoMlilo owehla ngePentekoste,
Owahlanza wabenza bahlanzeka;
O, usuyavutha manje phakathi kwenhliziyo yami,
O, udumo eGameni laKhe!
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Awujabuli ngalokho na?

Nakuba lababantu bengafundile,
Noma baqhoshe ngodumo lwezwe,
Bonke bemukele iPentekoste labo,
Babhaphathizwa eGameni likaJesu;
Futhi bayasho manje, ndawozombili lapha nalaphaya,
Amandla aKhe asafana namanje,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

199 O, ngiyajabula ngalokho. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Ubuyofanele ube noMoya oNgcwele ukubonakalisa lezizinkanyiso zakusihlwa, kunjalo, ukwenza uMar-. . . AmaHebheru 13:8, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade,” okwangempela. Kunjalo.

200 Hlomani zonke izikhali zikaNkulunkulu. Ungazisebenziseli ingubo, noma nje ukubukisa behla benyuka. Kodwa kuyini na? Hlomani zonke izikhali zikaNkulunkulu, futhi ukuze, lapho senihlomile izikhali zikaNkulunkulu, ungathatha inkemba kaNkulunkulu, ngokukholwa, futhi unqume indlela yakho ungene kunoma yisiphi isethembiso uNkulunkulu akwenzele sona.

201 Uma ukugula kuma endleleni yakho, kunqume ukususe endleleni, yisethembiso sikaNkulunkulu. Uma isono simi endleleni yakho, sinqume usisuse endleleni. Kunjalo. Izikhali zonke! Uma udeveli ekudubula ngomcibisholo, ushaye uwususe futhi uqhubeke nokunquma. Kunjalo.

Phambili mabutho angamaKristu!
Nimasha njengokuya empini,
Nesiphambano sikaJesu
Sihamba ngaphambili; (Haleluya!)

Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Anijabuli ngalokho na? Impela niyajabula. Yebo, mnumzane.

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
Bonke bekhuleka eGameni laKhe,
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,
Namandla enkonzo afika;
Manje, lokho Abenzela khona ngalolosuku
Uzonenzela okufanayo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo;
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

202 EMemphis ngolunye usuku, ningizwile ngikuxoxa, ngiyacabanga, Ngavele ngacabanga ngakho, ngangiza, ngicula leloculo elincane. Indiza yayimile, kwaqhamuka isiphepho, ngobusuku bangaphambili, futhi ngangiphuma ngale e—eDallas, eTexas, futhi yama eMemphis, isiphepho sayehlisa.

203 Bangibeka enhla ehhotela elikhulu, bangitshela ukuthi ngakusasa ekuseni bazongishayela ucingo, ngehora lesikhombisa nqo. Ngangizoposa iposi ekuseni kakhulu, cishe ngehora lesihlanu, angizange ngilale kakhulu, futhi endleleni ngehla uMoya oNgcwele wathi, "Jika, futhi ubuyele emuva ngenye indlela."

204 Ngahamba ngaqhubeka kancane, futhi kwakukhona amasondo nezibhamu nezinto kubekwe esitolo, iphoyisa elikhulu elidala elingumIrishi limi lapho, ngahamba ngaya kulamasondo, futhi ngibuka phansi phezulu, Ngacabanga, "Seliyekile ukungibuka." Ngathi, "Nkosi, bekuNguwe lowo na?" Anikholwa ukuthi amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya weNkosi na?

205 Wathi, "Jika, futhi ubuyele emuva ngenye indlela." Ngavele ngaqala futhi ngabuyela emuva. Futhi ngawela, ngehla ngendlela eyehlayo eningizimu yeMemphis lapho, ngangena phakathi kwalapho kuhlala khona abantu abangamakhaladi. Futhi ngangihamba ngalapho, ngacabanga, "He," ngabuka iwashi lami, "sekuyisikhathi sokuba indiza ihambe!"

Okuthize kwakulokhu kuthi, "Qhubeka, eqhubeke." Ilanga laliphezulu, niyazi.

206 Ngangihamba ngalapho, futhi ngabheka ngqo, olengela phezu kwesango elincane, futhi nakho kwakumi nodade oyikhaladi uvamile, ebukeka njengomunye walaba o-Anti Jemimas, izihlathi zakhe ezinkulu ezikhuluphele zilenga lapho. Izinyembezi zazigeleza ezihlathini zakhe, wathi, "Sawubona, Parson."

207 Ngathi, "Sawubona." Ngathi, "Anti, waze kanjani ukuthi bengingu parson na?" Manje, ezansi eningizimu yilokho umfundisi abizwa ngakho. Ngathi, "Wazi kanjani ukuthi bengingu parson na?"

208 Wathi, "A, bengazi ukuthi ubunguye." Wathi, "Kunento eyodwa engisanda kuyikhohlwa," wathi, "wena," wathi, "ubufanele ugqoke isudi encane empunga, nesigqoko esincane esifakwe eceleni ekhanda lakho," wathi, "kodwa liphi lelopotimende obunalo na?" Ngavele ngakubeka phansi.

Ngathi, "Ngilishiye ehhotela."

Wathi, "Bengazi ukuthi ubuza."

Ngathi, "Igama lami nginguBranham. Ubuwazi yini . . . ?"

Wathi, "Qhabo, Mnumzane." Wathi, "Parson Branham, angikwazi." Wathi, "Kodwa sewake wezwa eBhayibhelini ngalowo wesifazane waseShunemi na?"

Ngathi, "Yebo."

209 Wathi, "Uyazi, yena—wayenengane, wayesemdala kakhulu ukuba angaba nengane, nokho wayenayo." Futhi wathi, "Lowo Eliya, lowomprofethi, wahamba futhi wamtshela ngaleyongane ngoba wayenomusa kulomprofethi."

Ngathi, "Yebo, ngiyayazi indaba kahle kakhulu, Anti."

210 Wathi, "Awu, mina ngiwulolohlobo lowesifazane." Futhi wathi, "Ngakhuleka eNkosini, mina nomyeni wami, ukuba isiphe umntwana. Ngathi ngiyomkhulisa njengoba enza." Futhi wathi, "Wasipha umfana omuhle." Futhi wathi, "Kodwa umfana wami uthathe umgwaqo okungalungile." Wathi, "Waphumela phakathi kwezoni kanjalonjalo, futhi wahamba indlela yesono."

211 Futhi wathi, "Ulele lapho efa, uthole isifo socansi." Futhi wathi, "Uphakathi lapho efa." Futhi wathi, "Besingakwazi, thina maKristu lapha," futhi wathi, "sekuhambe isikhathi eside kakhulu kwaze kwaphenduka ugconsula." Futhi wathi, "Uya—uyafa."

212 Futhi wathi, "Udokotela uyafika futhi bathe akukho abangamenzela khona. Igazi lakhe u fo-plasi futhi babemnika iSalvarsan 606, nemekhuri, nakho konke, kodwa akuzange kusize ngalutho. Futhi kwase—kwase kudlulele kakhulu, sekudle izimbobo enhliziyweni yakhe." Futhi wathi, "Uyafa."

Futhi wathi, "Angikwazanga nje, Parson, ukuma ngibuke ingane yami ifa."

213 Wathi, "Uyise uqhubekile waya emsebenzi kulokhukusa." Futhi wathi, "Ubusuku bonke gulukunqu bengivukile, futhi ngikhulekile, ngithe, 'Nkosi Nkulunkulu,' ngathi, 'Wena unguNkulunkulu ofanayo owayekhona ezinsukwini zika-Eliya.' Futhi ngathi, 'Manje, mina—mina—mina uhlobo lowesifazane ayeyilo, futhi Unginika ingane yami lapha,' futhi ngathi, 'uthathe umgwaqo ongalungile, Nkosi, kodwa ngiwashe phezu kwamabhodi futhi ngazama ukuKukhonza, futhi ngaya ebandleni laKho, futhi ngalalela oparson baKho.' Futhi wathi, 'Ngi—ngizamile futhi ngenza konke engatshelwa ukuthi ngikwenze.'" Wathi, "'Angifuni ukubona ingane yami ifa kanjalo.'" Wathi, "'Uma . . .' Futhi ngathi, 'Nkosi, ngingenzeni na?'"

214 Futhi wathi, "Ngizumekile, futhi ngiphuphe ngikubona uza wehla ngomgwaqo. Ngenkathi ngivuka Uthe, 'Phumela phandle lapho futhi ume ngasesangweni.'" Nomhlane wakhe wawusemanzi te. Wayene—neyembe lowesilisa alibophele ekhanda lakhe.

Futhi ngabuka phansi lapho, ngambuka, ngacabanga. "Bakithi!"

Wathi, "Ungengene na?"

215 O, he! Ngavula lelosango elidala emuva, igeja elincane elidala lilenga lapho okwesisindo sesango, niyazi ukuthi ayini. Futhi ngangena ngaphakathi. Mina ngisezigodlweni zamakhosi, uyazi, kodwa angikaze ngamukeleke ngaphezu kokuba nganginjalo kuleyondlu encane yomkhaladi ngalokhokusa, iphansi elidadlana, qhabo, nalowombhede omdadlana wensimbi umi lapho, empofu. Kodwa olele embhedeni kwakungomkhulu kakhulu, umfana obukeka kahle, wayebukeka cishe abe ngamaphawondi ayikhulu namashumi ayisishiyagalolunye, eqinile nje, futhi egcwele emzimbeni. Futhi wayebambe ishidi ngesandla sakhe, noma into encane phezu kwakhe, ethi, "Aaa, aaa, aaa."

Ngathi, "Sawubona, Mnumzane."

216 "O," wathi, "Parson, kade engazi lutho izinsuku ezintathu noma ezine." Wathi, "U—ucabanga ukuthi . . . ucabanga ukuthi uphandle olwandlekazi noma endaweni ethile enkulu." Wathi, "Yena u, ukhulume ngokuthi kumnyama, futhi usesikebheni, futhi akayitholi indlela yakhe yokubuya. Futhi uthi . . . Yilokho okuphula inhliziyo yami." Wathi, "Mina, uma nje ngingamuzwa nje ethi ubesindisiwe."

Ngathi, "Anti ngikhulekela abagulayo."

217 Wayengakukhathalele lokho, wayefuna ukubona lowomfana esindisiwe, yilokho ayefuna ukukubona, lowomfana esindisiwe,

wayazi ukuthi wayezophinde ambone ngaphesheya kolunye uHlangothi ngaleyonkathi. Wathi, "Manje, uthathe umgwaqo ongalungile. Ngeke yini umkhulekele na?"

Ngathi, "Awu, asikhuleke." Ngathi, "Awu, asikhuleke."

218 Ngakho sehlela phansi, ngathi, "Anti, khuleka kuqala." O, he! Ngenkathi lowo ongcwele omdala othandekayo ekhuleka, wena. . . kwakungeyona into entsha kuye. Wakhuluma naYe sengathi wayeke wakhuluma naYe ngaphambilini. Niyabo? Yebo, wakwenza. Ngavele ngezwa ukugodola kugijima kimi wonke *kanjalo*. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Uke wangiholela kanjani ezansi lapha kanje na?" Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Uyamangalisa kakhulu!"

219 Ngambuka, futhi ngasukuma, futhi ngambuka, futhi yena, izinyembezi zehla. Wathi, "Nkosi, ngilapha." Wathi, "Ngi—ngi—ngikhulekile, futhi Wanginika iphupho futhi wathi lo parson wayeza, futhi ngilinde khona lapho." Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usebenza kuzo zombili iziphetho zomugqa, yingakho ngingakwazanga ukuya endizeni. Wathi, "Ngilinde khona lapha waze wafika." Futhi wathi, "Manje, nangu." Wathi, "Nkosi, uma nje ngingezwa ingane yami ithi, 'Ngi—ngisindisiwe,'" wathi, "kuzolunga." Futhi wakhuleka, wayeseke ema ukukhuleka, wathi, "Amen."

Wathi, "Ungakhuleka, Parson na?"

Ngathi, "Yebo Mem, Dadewethu." Ngabeka izandla zami phezu kwezinyawo zakhe, zibanda.

220 Wasukuma futhi wesula izinyembezi ezihlathini, ka*njalo*, wamanga esihlathini. Kungenandaba noma ngabe wayeyihlazo, wathi, "Ingane kamama." Manje, niyabo, lokho—lokho ngukuthi. . . Akunandaba ukuthi wayeyini, kuseyingane yakhe, niyabo, akunandaba. Niyabo, yilokho-ke. Ucabanga ngothando lukamama, manje, kodwa uNkulunkulu wathi, "Umama angahle akhohlwe ingane yakhe, kodwa aNgeke nginikhohlwe." Niyabo? "Igama lakho liqoshwe ezintendeni zezandla zaMi." Uyakuthanda, ungakhathazeki, uma uthatha iZwi laKhe, qhubeka nje.

221 Waphinda waguqa ngamadolo, ngabeka izandla ezinyaweni zakhe. Wayelokhu ethi, "Aaa, aaa, kumnyama phakathi lapha." Wathi, "Aaa, aaa, kumnyama phakathi lapha. O, Mama!"

Ngathi, "Angeke ukhuluma naye na?"

Wathi, "Qhabo, akazi ukuthi ukuphi." Wathi, "Ubelokhu esho kanjalo nje izinsuku."

222 Ngathi, "Baba waseZulwini, angiqondi ukuthi kungani leyondiza yehla, manje sengileyithi kakhulu, angeke ngisayithola. Futhi nakhu Ungenze ngehla ngalendlela, nalodade omi phandle lapha, lendlu encane ethobekile, ngiza

lapha nje ukuba. . . Angazi ukuthi kungani ngilapha, Nkosi. Ngivele ngaqhubeka ngalandela . . . ”

Wathi, “O, Mama. O, Mama.”

Ngase ngithi. . . ngalalela kancane, wathi, “Yebo, S’thandwa?”

Wathi, “Mama, sekuqala ukukhanya ekamelweni.”

223 Kwase kuthi-ke cishe unyaka emva kwalokho ngangihamba ngedlula ngiya ePhoenix, ngiza ngesitimela. Uyazi ukuthi amasemishi anjani esitimeleni, aphakeme kakhulu, futhi into encanyana nje, ngakho-ke sangena eMemphis, ngase ngigxuma ngehla, ngazitholela isaka eligcwele amahembhega, niyazi, ukuze angigcine ngize ngifike ePhoenix. Futhi ngakho. . . Sizoba nalolosuku nalobobusuku. Futhi bengingawathola lapho cishe ngamasenti ayishumi nanhlanu lilinye, niyazi. Futhi ngiyahamba ngizitholele isaka eligcwele amahembhega. Futhi ngahamba ngiyozitholela. . . Ngigijima ngehla *kanjalo*, ngezwa umuntu empongoloza, “Sawubona lapho, Parson Branham!”

Ngabuka kahle, ikepisi elibomvu elincane limi laphaya, ngathi, “Sawubona, lapho. Unjani, Mfowethu?” Ngiqhubeka ngihamba.

Wathi, “Linda umzuzu nje!” Futhi wathi, “Awungazi na?”

Futhi ngathi, “Qhabo, angikholwa ukuthi ngiyakwazi, Mfowethu.”

224 Wathi, “Uyakhumbula ngesinye isikhathi,” wathi, “wehlela endlini yami,” futhi wathi, “umama wami wayemi phandle kulelosango, elindile ezansi lapho, ngapha eningizimu na?”

Ngathi, “Awuyena lowo mfana!”

225 Wathi, “Yebo, nginguye.” Wathi, “Mina—mina akusuye. . . Mina uphulukusiwe.” Wathi, “U—u—u—udokotela usevele ushilo ukuthi ngiphilile.” Futhi wathi, “Hhayi lokho kuphela, kodwa ngisindisiwe manje.”

226 Kuyini na? Lalelani, bangane, uNkulunkulu usebenza kuzo zombili iziphetho zomugqa. LowoNkulunkulu ofanayo Owayengathi kulowo wesifazane, lowo mShunemi, uNkulunkulu ofanayo Owayengakhuluma futhi athi kulowo wesifazane emthonjeni, “Hamba, ulande indoda yakho”! Lowo wesifazane ofanayo owangathinta ingubo yaKhe ukuba aMphendulele phakathi kwalabobantu . . . UnguNkulunkulu.

227 Ake nginibonise okuthile. ngine. . . ngibaqaphelile abantu abangamakhaladi emuva lapha ngemuva, ngiyakholwa, nababili, abazalwane abathathu abahlezi lapha. Angikusho lokhu manje, niyabo, kodwa ngibuka, noma yimuphi umusa kaNkulunkulu, hhayi amakhosi anamandla namakhosi amakhulu, kodwa kompofu, owesifazane oyikhaladi ongafundile

ohlala endaweni encane enezipoki lapho, umusa kaNkulunkulu ongababamba leyondiza phansi lapho . . .

228 Futhi lalelani, ngemva kokushiya leyondlu ngaphuma ngabamba itekisi ukuze ngibuyele emuva, ngangileyithi cishe ngamahora amabili nengxenye, futhi ngathi, "Ngiyise esiteshini setekisi." Qhabo, kusukela etekisini, hhayi esiteshini setekisi, kodwa esikhumulweni sezindiza. Ngathi, "Ngifanele ngiyogibela indiza uma ngingakwazi." Manje, kwakusemuva lapho ngemva nje kwempi futhi wawungeke uyithole indiza. Ngenkathi ngingena, ngangena ngaphakathi, kwathiwa, "Ukubiza kokugcina, eLouisville, eKentucky."

229 Kwakuyini na? UNkulunkulu, ngenxa yokukholwa kwalowo wesifazane okungenzeka ukuthi wayengabazi o-ABC bakhe, yebo, wayebazi *o-ABC* bakhe, "Kholwa kuKristu Njalo," uyabona, ngenxa yalowo wesifazane, ompofu, owesifazane ongafundile, owayengazi ukuthi ukudla okulandelayo kwakuvelaphi, kodwa ubuqotho bakhe kuNkulunkulu ayemthanda, babungakwazi ukumisa leyondiza, futhi bubambe leyondiza kwaze kwathi umkhuleko wokukholwa wakhulekwa phezu komfana wakhe, futhi wawungakwazi ukuthatha indoda futhi uyihambise ukuze ngingakwazi ukuya endizeni, uMoya kaNkulunkulu ungiphendula.

230 Kungakhathaleki ukuthi uzama kanjani ukuhamba, uKubuyisela emuva. Ufaka uNkulunkulu kuwe, mfowethu, angeke uhambe ngaleyondlela enye, Kukhona okukujikisayo. Futhi kwabamba leyondiza lapho ngenxa yalokho, Lowo nguNkulunkulu ofanayo okulesisakhiwo kulobubusuku. Uyakukholwa na? Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu. NiyaMkholwa na?

> O, ngiyamthand'uJesu,
> O, ngiyamthand'uJesu,
> O, ngiyamthand'uJesu,
> Ngoba Wathanda kuqala . . .

Mangaki amaKristu phakathi lapha, phakamisani izandla zenu? Bese-ke nisho lokhu:

> Angisoze ngaMshiya,
> Angisoze ngaMshiya,
> Angisoze ngaMshiya,
> Ngoba Wang'thanda kuqala.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, *O, NgiyaMthand'uJesu*—Umhl.]

"Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

231 Isihlahla soMlobokazi, Sikhuphuka ePhentekoste. Kukhona isiHlahla esabonwa nguDavide, Sasitshalwe ngasemfuleni wamanzi, uMfula owodwa, uMoya oNgcwele, onke lamanzi

agobhozela kuWo, iziphiwo, iziphiwo zokomoya, zigelezela kuWo. Amaqabunga aso awanakubuna, Sizothela izithelo zaso. Ngabe kunjalo na? Khumbulani, Siyoveza isithelo saso ngesikhathi saso sonyaka. LesosiHlahla esiphelele, uKristu, wafika. Futhi ngenkathi Efika, kwenzekani na? BaMnquma bamlahla phansi baMfaka . . . (Mhlawumbe ngigeja . . . Lapha ngenze okuthize lapha, Ben, ngiyakucabanga, khona lapha, Mfowethu. Ngi . . . )

232 BaMnquma bamlahla phansi, baMphanyeka esihlahleni samaRoma, kodwa Waphinda wavuka. Kunjalo. Ulapha namuhla. Kunjalo. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wama futhi wabuka phandle phezu kwezethameli. Owesifazane omncane wadlula ngolunye usuku, ngenkathi Edabula esixukwini sabantu. Bathi, o—odokotela bangalolosuku, izazi zokwazi izimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona na—nabapristi bathi, "Ungofunda ingqondo. UnguBelzabule, umbhuli." Basaphila, umoya uyaphila, kodwa uMoya kaNkulunkulu usaphila nawo. Niyabo? Uzela uMlobokazi waKhe. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

233 Bangaki abantu phakathi lapha ogulayo ongangazi, futhi abaziyo ukuthi angazi lutho ngani na? Phakamisa isandla sakho. Macala onke yonke indawo, yonke indawo nje. Uma lokhu kuza kumuntu ovela eJeffersonville, noma omunye engimaziyo, kukhohlwe, suka kukho. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Qhabo, suka."

234 Angizange ngibe nakho . . . Ngizwa nje uBukhona baKhe, ngiyazi Ulapha. Lalelani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," Niyabo? Kwakuyini na? Isikhathi esifana naseSodoma. Bukani ekuphendukezelweni, njengoba kwakunjalo eSodoma, isono saseSodoma, buka lesisizwe, buka ezinye izizwe.

235 Ngangifunda iphephandaba lapha esikhathini esithile esedlule eLos Angeles, kwenyuke ngamaphesente angamashumi amane ngonyaka odlule, abaseSodoma. Ngani? Abesifazane baziveze bona uqobo nokunjalo, kuze kube yilapho umthombo wemvelo womuntu usushintshiwe, owaseSodoma. "Kwakusezinsukwini zaseSodoma . . . "

236 Bukani, ngenkathi uLoti, indoda elungile, nomndeni wayo wawusezansi lapho, Waba yimeya yedolobha, noma wahlala esangweni futhi wayengumahluleli, isihlakani esikhulu, kepha izono zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo usuku ngalunye.

237 Ngelinye ilanga, ngaphambi nje kokuphela kwesikhathi, u-Abrahama, iBandla elikhethiweyo, wabizelwa ngaphandle, Alingenanga eSodoma, Lalingaphandle kweSodoma. Manje, bhekani izigaba ezintathu zabantu, njalo, njalo kukhona

ikholwa, umzenzisi, nongakholwayo phakathi kwabantu; lowo ngu-Abrahama, uLoti, nomSodoma. Manje, bhekani, ngamunye wayenomlayezo. Kwakukhona iziNgelosi ezintathu ezeza ku-Abrahama, iBandla elikhethiwe, ezimbili zazo zehlela eSodoma futhi zakhipha uLoti nomkakhe namadodakazi, owesifazane waphenduka, abaseSodoma basha.

238 Ababili babo, uBilly Graham wesimanje no-Oral Roberts, imiyalezo yakhe yehlela eSodoma, eshumayela iZwi, ebaphuphuthekisa ngeZwi. Ukungakholwa yiZwi, uyimpumputhe. Ukushunyayelwa kweVangeli kuphuphuthekisa ongakholwayo, futhi yilokho okwenziwa nguBilly Graham nalabo bavangeli abakhulu, bephuphuthekisa.

239 Kodwa kwakukhona Eyodwa eyahlala no-Abrahama, oKhethiweyo, Yamnika isibonakaliso. Niyakhumbula, wayekade engu-Abrama ngosuku olwandulela lokho, noma ezimbili, noSara wayekade engu S-a-r-a, kodwa manje sekungu-A-b-r-a-h-a-m-a no-S-a-r-a. Niyabo? Ngakho Lena ehlezi lapho, iSikhulumi, Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Inkosazana.

Wathi, "Usethendeni." Futhi ithende lalingemuva kweNgelosi.

240 Wathi, "Abrahama," manje khumbula, uSara wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, no-Abrahama enekhulu, amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, Yathi, "Ngizokuvakashela." *Ngi*, isabizwana somuntu lapho. "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, isithembiso eNgakutshela sona." Ngamanye amazwi, "USara uzoletha lengane."

241 Futhi wahleka ethendeni, niyabo, wayesegugile, wathi, "Mina, ngibe nenjabulo nenkosi yami?" U-Abrahama, umyeni wakhe. Futhi wathi, "Usegugile naye." Ngani, yena owesifazane . . . Babe, njengendoda nomfazi, mhlawumbe babengakaze babe indoda nomfazi iminyaka engamashumi amabili. Niyabo? Babebadala kangako, kwase kwedlule. Wathi, "Mina?" Futhi wahleka.

Futhi iNgelosi, nomhlane waYo ifulathele, yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Kuthiwani ngakho na? Ingabe lokho ukufunda umqondo na? "Uhlekeleni uSara na?"

USarah wagijima futhi wathi, "Angizange." Kwakungenxa yokuthi wayesaba.

Yathi, "Yebo, uhlekile."

242 Wayeyobhubha khona lapho ukuba kwakungengenxa ka-Abrahama, umyeni wakhe, wayeyingxenye yakho. NeBandla belizobhubha khona manje, ukuba Belingeyona ingxenye kaKristu, ngenxa yokungakholwa kwaLo. Angeke akwenze. Ubengeke athathe uSara ngenxa ka-Abrahama, Angeke athathe

iBandla ngenxa kaKristu, iGazi liselapho, niyabo, kunjalo, ingxenye yalo.

243 Manje, qaphela, Je-. . .Futhi bhekani ukuthi wayibiza ngokuthini leNdoda. ULoti, a, uLoti, lezoziNgelosi zahola uLoti waphuma. Bhekani, u-Abrahama waphuma ukuyokhonza ngakuleNgelosi, futhi waYibiza ngokuthi, Elohim. Kwakuyini na? LeyoNdoda idla amaqatha enyama yenkonyana, iwundlu, noma, i—ithole, futhi Yaphuza ubisi futhi yadla isinkwa, mhlawumbe impuphu yommbila, futhi, wenza amaqebelengwane ommbila eziko uSara ayewenzile. Futhi Idla isinkwa, iphuza ubisi lwenkomo, futhi idla ithole lenkomo, kunjalo, futhi imi lapho, u-Abrahama. Futhi u-Abrahama waYibiza ngo, Elohim, wayefanele azi, kwakunguye, owakhuluma naYo. Niyabo uma lokho kungenjalo, Elohim, usonhlamvukazi N-k-o-s-i, okufanayo njengasekuqaleni.

244 Kwakuyini na? UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." U-Elohim, iZwi, ekuqaleni, liyobonakaliswa enyameni yomuntu njengoba Wayelapho. Whewu! Haleluya! U-Elohim, hhayi, Ngangi, NGIKHONA. Niyabo?

245 Ulapha kulobubusuku, ngendlela efanayo. Uyakukholwa na? Ukukholwa ngempela na? Uma omunye kulesisakhiwo engingamazi, uma uMoya oNgcwele, uma nje uzovele. . . Bangaki okholwayo ukuthi lowo wesifazane wathinta uJesu, hhayi ngokwenyama, kodwa ukukholwa kwakhe kwaMthinta na? Niyabo? Kwakuyini leyo na? Ingubo, impela. UBartimewu oyimpumputhe, into efanayo. Niyabo? Ukukholwa kwakhe kwaMmisa. Ngifuna ukushumayela ngaphambi kokuba ngihambe, *Khona-ke uJesu Wama Wathula*, futhi manje, uma iNkosi ithanda.

Lengubo enkulu, ingubo yasePalestine, wacindezela wadlula, lona wesifazane omncane obuthakathaka futhi wathinta ingubo yaKhe. Wathi, "Uma ngingakwenza . . . "

Futhi bonke bethi, "Rabi," "Mprofethi," "Mkhohlisi," noma ngabe yini ababeMbiza ngayo, niyazi, isixuku esixubile.

Ngakho Wayehamba lapho futhi Wathi, wema, wathi, "Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?" Wathi, "Kukhona oNgithintile."

Wathi, "O, wonke umuntu uyakuthinta." UPetru waMkhuza, wathi, "He, iNdoda enokuqonda kwakho, futhi uthi, 'Ubani oNgithintile?'"

246 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi ngibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi." Wabheka phezu kwesixuku futhi Wathola o—owesifazane omncane, futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

247 Manje, iBhayibheli lathi, eNcwadini yamaHeberu, ukuthi uJesu Kristu, khona manje, ungumPristi oMkhulu (Kunjalo na?), ongathintwa ngomuzwa wobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? UmPristi oMkhulu ongathintwa ngomuzwa wobuthakathaka bethu. Ubengenza kanjani uma Enguye izolo, namuhla, naphakade na? Eziphatha ngendlela efanayo Ayenza ngaleyonkathi, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. IBhayibheli lathi Usenguye. Niyakukholwa na? Awu, manje-ke, angeke weqe iZwi, iZwi lasho njalo.

248 Manje, ingabe thina...? Ingabe unokukholwa okwanele ukuMthinta na? Uma ubungaMthinta, khona-ke Ngizozinikela kuYe, futhi maKangisebenzise futhi akusebenzise ukuletha ukukholwa kuzo zonke izethameli. Lokho yinselelo, akunjalo na? Uyakukholwa. Uyakukholwa na?

249 Ubunga...? Kungakuqinisa ukukholwa kwenu ukubona u-Elohim, hhayi wena, hhayi mina, kodwa Yena na? Kuyini na? IZwi. Kuyini na? Isivikelo, impi elingele ukuhlasela, izikhali zikaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa enyameni yomuntu, inyama yenu, inyama yami, ukubona imisebenzi kaNkulunkulu. Amen. Ngiyakukholwa.

250 Baba waseZulwini, mhlawumbe ngenze iphutha, mhlawumbe ngenze ukuphonsela inselelo okungafanele. Uma ngenzile, Nkosi, Wena ngithethelele, bengingaqondile ukukwenza. Kodwa kubonakala sengathi Kukhona okungiholela ukuba ngikwenze. Futhi uma Lowo kunguWe, Baba, engiqinisekile ukuthi Yikho, zazise Wena manje, ukuze abantu bezokwazi lezizinto engizikhulumayo, ngingafundile, nokho ziyiqiniso. ZingamaZwi aKho. Siphe khona, Baba. [Isiprofetho siyanikezwa—Umhl.]

251 Amen. Niyakuzwa lokho na? Khumbula lapho...Impi yayikhuphuka ngesinye isikhathi noMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwendoda, futhi wayitshela ukuthi kwehliwa kanjani—kanjani lapho, futhi bahlezi endleleni, nokuthi babezoyehlula kanjani leyompi. Futhi bakwenza. Ngenkathi, ngikholwa ukuthi kwakungu, Davide, kwakuyikho, wayekhuluma? Omunye wabo? Futhi uMoya wehlela phezu kwenye yamadoda futhi wayitshela ukuthi iphunyuke kanjani. Kuzwa lokho okushiwo emizuzwini embalwa edlule na? "Ngifuneni." UyiZwi, hlala neZwi. IZwi lithembisa lokhu. Manje, yini engizama ukuyenza na? Thatha uNkulunkulu eZwini laKhe.

252 Manje, angi...Ngazi abanye benu bantu lapha, kodwa khulekani. Uma kufika komunye wenu bantu engibaziyo, ngiyacela, abantu abavela eJeffersonville, nasezindaweni ezizungezile engibaziyo, ningakhuleki. Vele uyekele kuhambe ngalesisikhathi, makube ngabantu engingabazi. Niyabo, vele ungikhulekele, ngiyakudinga.

Umzuzwana nje, ngokushesha kuyafika. Yibani nenhlonipho.

253 Kukhona inenekazi elincane elihlezi khona ngapha kwesokudla sami, liphakamisele iduku emlonyeni walo. Siyizihambi omunye komunye, ngiyacabanga. Angikwazi, Uyakwazi. Kulungile.

Kunowesifazane onokuxhumana noNkulunkulu engingamazi. Akangazi, futhi angimazi, kodwa uMoya oNgcwele uyasazi sobabili.

254 Manje, ubukhulekela okuthize. Uma uMoya oNgcwele uzokwembula kimi lokho obukukhulekela, njengoba Enza kowesifazane, "Ukopha kwakho," niyabo, ubungakholwa ukuthi uzokhululeka na?

255 Yinkathazo yokomoya ekukhathazayo. Akunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa lesosandla. Angeke kusaphinda kukukhathaze. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi ungubani na? Ingabe lokho kungakusiza na? Mildred Rose, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. "Uma ukholwa nje . . . " Awusuye ngisho owalapha, ungowaseSouth Carolina. Yiqiniso. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Uyabo?

256 Lokho kushaye inenekazi elihlezi emva kwalo ngqo. Nalo liyisihambi kimi, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Usenkathazweni; kukhona ithunzi elimnyama phezu kowesifazane. Angimazi, uyisihambi. Inenekazi elilandelayo, liphakamise izandla zalo *kanje*, kodwa, yebo, a-hha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela ukuthi yini inkathazo yakho na? Ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Ubungakholwa na? Okwakho yisimo sokwethuka. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngeke kusaphinde kukukhathaze manje, ukukholwa kwakho kukusindisile.

257 Ungowakuleli-zwe, ungowasendaweni ebizwa ngokuthi iFayetteville. Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Nkk. Harrison, khona-ke ungaya ekhaya, uphiliswe.

Uyakholwa na?

258 Nakhu kuhlezi inenekazi, lihlezi khona lapha, lingibuka. Ngiyisihambi kulona wesifazane. Uyisihambi kimi, Dadewethu na? Kulungile. Uyangikholwa njengomprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Unezinto eziningi ezingalungile ngawe, unomfutho wegazi ophakeme ngento eyodwa, unenkathazo yenhliziyo ngenxa yenye into, ucishe ube nokuphazamiseka kwemizwa ngokunye. Futhi ukhulekela ukwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yiqiniso

lelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa iduku lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi na? Kulungile, mnumzane, Nkk. Jackson, kulungile, hamba uye ekhaya, uphiliswe.

Uyakukholwa na?

259 Nakhu kuhlezi inenekazi elincane, lihlezi phezulu lapha likhala. Lithi ukuba qatha, lilungise izinwele zalo *kanje*, futhi ligqoke ingubo emhlophe, lihlezi phezulu lapho. Ngiyisihambi. Ukhulekela okuthize. Kunjalo. Inenekazi elincane lapho, ngiyisihambi kuwe, angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Uyangikholwa ukuthi ngingumboni waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Ufuna ukubuyela e-Charlotte, uphiliswe na? Hhe? UNkk. Hines? Futhi ufuna ingane, awuyifuni na? Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nayo ingane yakho. Kulungile.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bangaki kini abakholwayo na?

> Omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

260 Unga . . . Ingabe uyajabula ngakho na? O, he! Kuyini na? UMoya oNgcwele. Ulapha nawe. Nakho futhi. Asi—asikholwe nje. Bambanani ngezandla, bambanani, xhumanani, bambanani ngezandla. Lokhu, ukuze nazi ukuthi uMoya oNgcwele ulapha.

261 Manje, lalelani, bangane, akukho-muntu phakathi lapha onokuqonda kokomoya kodwa owaziyo manje ukuthi umuzwa omncane oxakile wedlula kuwe. Yini Leyo na? Lelo yiZwi likaNkulunkulu, Lowo nguNkulunkulu esesimweni sikaMoya, iZwi. IZwi, uNkulunkulu ekuqinisa. Uyabo? Ungabi ngongakholwa manje, kholwa.

Ngibone indoda isanda kuphulukiswa emuva lapho inenkathazo yendlala yesinye. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. Kungukuthi konke . . .

Isifo sikashukela, lelonenekazi, khohlwa ngakho, yana ekhaya, usuphilile.

Kuhamba yonke indawo nje konke phezu kwesakhiwo. Niyakholwa na?

262 Manje, iBhayibheli lathi . . . Lalelani, iBhayibheli elifanayo elithembisayo, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza," yilokhu Akwenza, awu, iBhayibheli elifanayo lisho lokhu, ukuthi, "Uma bona . . . Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo," nonke ningamakholwa, nibeke izandla komunye nomunye, "uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda."

263 Baba waseZulwini, siyazi ukuthi uSathane uhluliwe. INduna yethu eNkulu, uJesu Kristu, ukhona. Nanti iZwi laKhe lenziwe labonakaliswa, Lenziwe labonakaliswa

nguBukhona bukaMoya oNgcwele. NguMoya oNgcwele osebenza kithi, uMoya oNgcwele ofanayo Owasehlisela uMlilo wePhentekoste, owasehlisela izilimi zePhentekoste, owasehlisela ukuhumusha kwePhentekoste, ubeke, ubeke ebandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli. Futhi lapha kulengqungquthela enkulu eqhubekayo, lapho abafundisi, abavangeli, neziphiwo zisebenza yonke indawo, siyaKubona, Nkosi.

264 Siyazi ukuthi sisekupheleni kwesikhathi, futhi abantu badinga amandla. USathane uyabahlasela, futhi ngibeka iZwi likaNkulunkulu ezandleni zabo khona manje, ezinhliziyweni zabo. Siyamehlula uSathane ngaleliZwi.

Phuma kulababantu eGameni likaJesu Kristu!

Buka izandla zabo, buka ukukholwa kwabo, Nkulunkulu.

Sathane, uhluliwe, bashiye, eGameni likaJesu. Phuma, ngikuyala ngoNkulunkulu ophilayo.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
> Ngoba Wangithanda kuqala (Uyakukholwa na? Uyakholwa ukuthi Uyakuthanda na?)
> . . . thengela (Phakamisa izandla zakho futhi nje . . .) . . . insindiso
> Emthini waseKalvari.
>
> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, (O, makabongwe uNkulunkulu!)
> Ngoba Wangithanda kuqala (Wenzani na?)
> . . . ng'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.
>
> Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
> Ng'yakwazi (Suka, Sathane.), ng'zokwenza, ng'yakholwa;
> Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
> Ukuthi uJesu uyangiphulukisa manje.

265 UMfowethu, ngolunye usuku, wathi waba nephupho. Wabona udeveli omncanyana omdala emi phandle lapho, nodeveli omncane wayegxuma phansi naphezulu, wathi, "Bhuu!" futhi wagxumela emuva. Ngaso sonke isikhathi lapho egxumela emuva, wayeba mncane futhi udeveli abe mkhulu ngokwadlulele. Futhi ngaso sonke isikhathi wayempongoloza "Bhuu!" wayegxumela emuva, futhi udeveli wayeba mkhulu ngokwedlulele.

266 Futhi wayazi ukuthi kwakufanele alwe naye, ngakho wacabanga, "Kufanele ngithole isihlalo noma okuthize," wathola iBhayibheli. Futhi uSathane wathi, "Bhuu!" futhi wathi "Bhuu!" waphindisela ngqo, nodeveli waba mncane ngokwedlulele. Wathi, "Bhuu! Bhuu! Bhuu! Bhuu! Bhuu!" futhi wavele wamshaya wamlahla phansi.

267 Leyo yinto yokulwa naye, iZwi likaNkulunkulu. Lapho empongoloza "Bhuu!" uyampongoloza "Bhuu!" Ngenkathi ethe, "Uyagula," yithi, "Kulotshiwe: Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe." Amen. Udumo! Ngizizwa ngikholwa. Akukabi ngisho phakathi kwamabili nokho, ngisazizwela . . .?. . . Amen.

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Woza, mfowethu, ufune lesisibusiso
Esizohlanza inhliziyo yakho esonweni,
Lokho kuzoqala ukukhala kwezinsimbi zenjabulo,
Futhi sizogcina umphefumulo wakho uvutha amalangabi;
O, uyavutha manje phansi enhliziyweni yami,
Udumo eGameni laKhe,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Ngingomunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo;
Omunye wabo, omunye wabo . . .

*Ukuhloma Izikhali Zonke ZikaNkulunkulu* ZUL62-0607
(Putting On The Whole Armor Of God)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngoJuni 7, 1962, e-Aberdeen High School e-Aberdeen, North Carolina, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

